



SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 205 • DECEMBER 2016

KUSEZANDLENI ZETHU UKUNQOBA ISIFO SESANDULELA NGCULAZI



Usodolohla womkhandlu wasoThukela umhlonishwa Siphiwe Mazibuko lapho ekhanyisa ikhandisele ngokuhloniphala labo abangasekho emhlabeni, bebulawa isifo sesandulela ngculazi.
Isithombe: THEMBA MNTYALI

IHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal ligubhe usuku lwesandulela ngculazi eLadysmith endaweni yaseKleinfontein lapho kube nezinkulumo ezihlabahlosile ebezivela kwiMeya yomkhandlu uMnuz. Mazibuko kanti obephethe uhlelo uDkt. Zulu ongushampeni we-Operation Sukuma Sakhe kuMasipala wasoThukela. **Bheka udaba ekhasini 3**

16 DAYS OF Activism
for no violence against Women and Children

countmein!
together moving a non-violent South Africa Forward

25 November – 10 December

Together we move South Africa forward

OKUNGAPHAKATHI



MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelzo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwu kibili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwu esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za Liyatholakala naku: www.kznonline.gov.za


Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu:
Mahlathi Tembe

Umhleli wamakhasi nezindaba:
Bonga Khoza

Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government



UMHLABA KUFANELE WAZI UKUTHI ABANTU BESIFAZANE BANGAKWAZI UKUHOLA ISIZWE

IKHASI 3

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu uhambele isidlo santambama sokugubha iminyaka engu-60 yemashi yabesifazane e-ICC eThekwin.

IKWAZULU-NATAL IMI NGOMUMO UKWAMUKELA IZIVAKASHI

IKHASI 5

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natal uSihle Zikalala uthi isifundazwe sesikulungele ukwamukela izivakashi ezivame ukutheleka kuso ngalesikhathi sonyaka.

UKUBAMBISANA KOWEZEMPILO NE-UKZN KUZOJIJA AMAKHONO ODOKOTELA

IKHASI 7

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt Sibongiseni Dhiomo usechaze uhlelo lokuqeleshwa kabusha kodokotela njengoloholomilisa umphakathi odinga izinsiza zezempi lohpucule nezinga lezempi.

OWEZOLIMO UZIBOPHEZELE EKUSEBENZENI NEZINHLAKA ZONKE ZOMPHAKATHI

IKHASI 11

Ukwelapha izifo kubantu akusho lutho uma zingalashwa emfuyweni ngoba ezinye zezifo zitholakala ekudleni esikudlayo.

KUGCIZEELWE IQHAZA LENTSHA EMBIZWENI YEZOKUPHEPHA EMGWAQENI

IKHASI 13

Abantu abasha sebegqugqzelwe ukuba babambe iqaza kwezokuphepha emgwaqeni njengoba izibalo zikhomba ukuthi yibona ababa yizisulu noma abadala izingozi emgwaqeni.



KUSEZANDLENI ZETHU SONKE UKUNQOBA ISIFO SESANDULELA NGCULAZI

NOLWAZI NZUZA

Hhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal ligubhe usuku Iwesandulela ngculazi eLadysmith endaweni yaseKleinfontein lapho kube nezinkulomo ezihlabahlosile ebezivela kwiMeya yomkhandlu uMnuz. Mazibuko kanti obephethethe uhlelo uDkt. Zulu ongushampeni we-Operation Sukuma Sakhe kuMasipala wasoThukela.

"Sihlangene namhlanje ukuzoguba usuku Iwesandulela ngculazi, namhlanje sithi sizimisele ngokubambisana nokusebenza ndawonye ukulwa naleligciwane kanti ngyathemba ukuthi uma sibambisene singalingqoba leligciwane" uyivule kanje inkulomo yakhe uMnuz Mazibuko.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sinezinga eliphezulu ezweni IaseNingizimu Afrika lesifo sengculazi kanti ziningi izinhlelo uHulumeni wesiFundazwe azibekile ukunciphisa lesibalo.

Ezinye zezinhlelo ezibekwe uHulumeni wesiFundazwe ukusebenzisana nemboni yosomatekisi ukuletha izinhlelo

zezempi lo nasemarenki amatekisi nokube impumelelo enku, Kanti sekube nemikhankaso emininigi exwayisa intsha ikakhulu amantombazane ngobungozi bama "Blessing" ngoba nakho kunomthelela ekubhebhethkeni kwaleligciwane.

UHulumeni wesiFundazwe uyakugqquqzela ukwesekwa kwabo bonke abaphila naleligciwane ukuba bathole ukwesekwa emindenini Kanye nasemiphakathini abaphila kuyo, kanti kubalulekile futhi ukuthi bonke abaphila naleligciwane bangacwaswa kepho baphathwe njengawo wonke umuntu.

Kusukela ngoMandulo kulonyaka uNgqongqoshe wezempi kuzwelone uMnuz. Aaron Motoaledi ukhiphe umyalelo ukuthi bonke abanesifo sengculazi bathole imishangozo ngisho kuthiwa i-CD4 count yabo iphezulu noma iphansi lokho kusho ukuthi wonke umuntu ozohlolwa atholakale enengciwane usezothola ukulashwa ngaso leso sikhathi.



Izihambeli ebezihambele ucimbi lapho bekubungazwa usuku Iwesandulela ngculazi olubizwa nge-World AIDS Day.
Isithombe: **THEMBA MNTYALI**

Lomcimbi uphethwe ngokukhanyiswa kwekhandlela Imoya yomkhandlu Kanye

nabamele ihhovisi likaNdunankulu ukukhumbula bonke abadlula emhlabeni ngenxa yesifo

sesandulela ngculazi, abathintekayo Kanye nabaphila nalo igciwane lengculazi.

UMhlabo kufanele wazi ukuthi abantu besifazane bangakwazi ukuhola izwe

NOLWAZI NZUZA

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu uhambele isidlo santambama sokuguba iminyaka engu-60 yemashi yabesifazane e-ICC eThekwini.

"NjengoHulumeni wentando yenengi siyabeseka abantu besifazane futhi siyakugqquqzelwa ukuthi abantu besifazane babe ngabahol" kubeka uNdunankulu.

Kumele abantu besifazane banikwe ithuba lokuhola kanti baningi abantu besifazane ezindaweni zasemakhaya abakhungethwe ububha Kanye nokuntuleka kwemisebenzi, ingakho uHulumeni wesiFundazwe

ekugqquqzela ukuqeleshwa Kanye nokwesekwa kwabantu besifazane.

Ziningi izinhlelo zikaHulumeni ezikhona ukuba zithuthukise amakhono abesifazane futhi zinemiphumela emihle.

UNDunankulu uphethwe inkulomo yakho ngokuthi izinguquko ezenzekayo emiphakathini angeke zibe impumelelo ngaphandle kokuthi abantu besifazane babambe iqhaza elibonakalayo kanti kumele bathole ukwesekwa kwezamabhizinisi Kanye neminye imikhakha ukuze abe amabhizinisi abo impumelelo.



UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu ethula inkulomo emcimbini wabesifazane wokubungaza iminyaka engu 60 e-ICC eThekwini.

Isithombe: **THEMBA MNTYALI**



INTERNATIONAL ANTI-CORRUPTION DAY

09 DECEMBER

INKOHLAKALO: IYISITHIYO EMASWINI ENTUTHUKO ASIMEME

UHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali weseke usuku lokulwa nenkohlakalo IoMhlabo Wonke oluzogujwa mhla ziyi-9 kuZibandlela. Usuku lokulwa nenkohlakalo IoMhlabo Wonke luhlose ukwqwashisa umphakathi ngenkohlakalo nokuthi abantu bangenzani ukulwa nayo.

IGAMA LOMKHANKASO
Sibambisene ukulwa nenkohlakalo

ISIQUBULO
Sibambisene ukuLwa neNkohlakalo kwezentuthuko, kwezokuthula nakwezokuphepha

ISU LOMKHANKASO
Wonke umuntu unamandla okumelana nokulwa nenkohlakalo futhi kumele sisibenzisane.

SIBAMBISENE
Ukulwa nenkohlakalo kubalulekile ukufezeleka amaSu entuthuko asimeme.

Abantu bayagqquqzelwa ukubika ngezigameko zenkohlakalo nezokuphatha budlabha kwi-National Anti-Corruption Hotline.

Hotline: 0800 701 701



To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**

OWEZEMPILO UGQUGQUZELE UMPHAKATHI UKUBA UYOHOLOLELA IGCIWANE LESANDULELA NGCULAZI

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse amalunga omphakathi ukuba ahlolele igciwane lesandulela ngculazi ukube ahiale esazi isimo sawo sempilo. Lokhu ukusho ngesikhathi ehambele esifundeni saseMajuba eNewcastle njengoshampeni wakulendawo njengoba bekubungazwa i-World AIDS Day.

UDkt Dhlomo ugale eNewcastle Taxi Rank wadlulela enxanxatheleni yezitolo eTheku Taxi Rank ehamba ekhuluma nabantu ebagqquqzelu ukuba beyohlolela izifo emitholampilo, ebanika namapheshana okubafundisa kabanzi ngalesi sifo.

UDkt Dhlomo ube esedlulela ehhola lomphakatho oSizweni ebelycweli phama.

Enkulumweni yakhe, uthe nakuba zisekhona izinselelo, lide ibanga eselihanjwe yizwe lakithi phakathi kokunye, ekuhlinzekweni kwalabo abahaqwe yileli gciwane ngezinsiza zezempiro, kanye nokulwa nokubhebhethuka kwalo.

Uthe uhulumeni waseNingizimu Afrika usuwenze lukhulu ukuqinisekisa ukuthi abantu abahaqwe yigciwane lesandulela ngculazi baphilla kade, futhi kahle, futhi abasaguli bashone ngokushesha njengakuqala.

"Abazali nezinhloko zemizi sebekwazi ukuphila isikhathi eside, ngaphandle kokwesaba ukuthi bazofa bashiye izintandane.

Omama abakhulelw abanegciwane le-HIV sebekwazi ukuteta abantwana abangenalo leli gciwane. "Nakuba zisekhona izinselelo ezingala ekulweni nokubhebhethuka kwaleli gciwane — njengoba lokhu kudlange kakhulu kwabesimame abaneminyaka ephakathi kuka 15-24 - kubalulekile ukuba siqaphele ukuthi kuningi oseluzuzi kuolumbhidlango." Phakathi kwemisebenzi emihle kubalwa:

Ukuhlinzekwa kwabanegciwane le-HIV ngaphandle kokuthi balinde (Universal Test and Treat):

Kusukela mhla ka-01 September 2016, wonke umuntu ohlolwa kutholwe ukuthi unegciwane le-HIV usenikwa imishanguzo (emva kokwelulekwa), ngaphandle kokulinda kuze kwehle i-CD4 Count njengakuqala. Phambilini, imishanguzo ibiqala ukutholakala uma umuntu ene-CD4 Count ka-200, kwakhuphuka kwaya ku-350, kanti kugcine sekwu-500. Ukungalindi kuze kwehle iCD4

Count kusiza kakhulu ngoba igciwane linqandwa lingakasabalali emzimbeni womuntu, futhi kusho ukuthi i-HIV ayisezubhebhethuka kalula, nabantu ngeke besasheshe bashone. Abantu asebeke baholwa kwatholakala ukuthi baphila negciwane le-HIV, kodwa abangakaqali ukuthatha imishanguzo, bayanxuswa ukuba babuyele emitholampilo ukube bayithole.

Uhlelo lokuhlola i-HIV nokukhishwa kwemishanguzo ngabahlengikazi, i-Nurse Initiated Management of Antiretroviral Treatment (NIMART):

Uhlelo Iwe-NIMART Iwethulwa ngonyaka ka-2010, kanti selubathuthukise kakhulu abahlengikazi, njengoba labo asebeqeqliwi sebekwazi ukwenza imisebenzi ebiyeniwa ngo-dokotela kuphela phambilini.

Lapha kubalwa ukukwazi kwabo ukuhlu iziguli nokuhumusha imiphumela yegazi esuke iphuma e-laboratory, nokukwazi ukushintsha uhlolo

Iwemishanguzo olutholwa yisiguli uma kufanele.

Laba bahlengikazi babambe elikhulu iqhaza ukusiza isifundazwe saKwaZulu-Natali ukuba sifinyelele kubantu abangaphezu kuka 1,3 million asebenikwe lemishanguzo yokuthithibalisa i-HIV.

Phakathi kwezenzo zobuqhawe ezenziwe abanye balabahlengikazi be-NIMART kubalwa:

- Umhlengikazi owakwazi ukushintsha umqondo wowesilisa obene-HIV kanye namakhosikazi akhe amane ukuba baqale imishanguzo yokuthithibalisa i-HIV;

- Umhlengikazi owakwazi ukugqquqzelu owesilisa obenegciwane ukuba aqale ukuthatha imishanguzo wayeka ukwesaba ukuthi inkozakazi yakhe esencane izomshiya uma eyitshela ngesimo sakhe. Emva kwalokho unkosikazi wakhe wathi uma ezwu lokhu wameseka, wabe eseinqinisekisa ukuthi uzomnakekela athathe imishanguzo njalo ngesikhathi esifanele futhi bazobenzisa i-condom njalo uma beya ocansini.

Uhlelo lokusokwa kwabesilisa okuphephile, i-Medical Male Circumcision:

Kusukela ngonyaka ka-2010, isifundazwe saKwaZulu-Natal sesiokse abesilisa kanye nabafana abangaphezu kuka 740 000 selokhu iSilo samaBandla uKing Goodwill Zwelithini sahlabu ikhwelo lokuthi kuvuselelw isiko lokusoka.



Unqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo enika amalunga umphakathi ulwazi nezinsiza zezeMpilo, njengoba bekuqwashisa negciwane lesandulela ngculazi, ngosuku Iwe-World Aids Day

Uthe selokhu Iwaqala lolu hlelo, akukaze kubikwe sigameko sokushona kwabantu ngenxa yalo.

Loluhlelo Ibadakanya ukufundjisa abesilisa ngendlela yokuziphatha empilweni. Abesilisa abahambela izinkambu zethu siyabafundisa ngokuba babengamadoda aqotho angomuso, azozihlonipha, aphinde ahloniphe abantu besifazane kanye nezingane.

"Siyafisa ukukugcizelela ukuthi ukusoka akumuniki umuntu igunya lokuthi usengavele alale nje noma kanjani ngaphandle kokusebenzia ikhondomu uma eya ocansini, njengoba kuwanciphisa ngo 60% kuphela amathuba okuthola isandulela ngculazi."

Uphinde wanxusa abazali nabaqaphi bezingane esifundazweni ukuba bavumele bonke abafana abasebancane njengoba sekuzoba yisikhathi samaholide ukuthi bezosoka ezinkanjini ezihielwe ezikhungweni zezeMpilo, ezikoleni nasemahholo omphakathi njengenhlala yenza.

Ukwehla kakhulu kwesibalo sabantwana abasulekka negciwane le-HIV ngesikhathi bezalwa (Prevention of Mother to Child Transmission of HIV):

Uthe uMnyango uyaziqhenya kakhulu ngokuthi isibalo sabantwana abasulekka negciwane le-HIV ngesikhathi bezalwa sesehle saze sacishe safika lapho siphela khona njengoba simi ku-1,2%. "Sisuka kude nokho. Empeleni ngo-2009/2010 lesi sibalo besiwa-9,5%. Besilokhu sehle njalo.

Lapha sibonga bonke abezempilo abaqinisekise ukuthi bonke abakhulelw bayohlolelw igciwane le-HIV. Sifisa ukugcizelela ukubaluleka kokuyoxukuza emtholampilo kubo bonke

abazithwele. Lokhu kusiza ngokuthi uma kunezinkinga ezithile zisheshe zitholakale, bese kusizakala umama nomntwana."

Ukulwa ne-HIV ne-TB kanyekanye:

I-HIV nesifo sofuba (Tuberculosis) kufana namawele, kanti isifo sofuba yiso esibulala abantu abane-HIV kakhulu kunezinye.

UMnyango wezeMpilo uyakuqonda lokhu. Yingakho sekufakwe imishini ebizwa nge-GeneXpert ewu-90 ezibhedlela, nekwazi ukusheshe iveze imiphumela ye-TB ne-Multi-Drug Resistant TB esikhathini esiphakathi kwamahora wu-24 kuya kwangu-48. Abantu abasalindi isikhathi eside ukuthola imiphumela njengakuqala.

Izinselelo:

UNqongqoshe Dhlomo uthe imiphumela eshaqisayo yocwaningo olwenzwi yisikhungo i-Centre for Aids Programme Research in SA (CAPRISA) isanda kuveza ukuthi angaphezu kuka 2300 amantombazane kuzwelonke aphakathi kuka 15 no 24 iminyaka athola igciwane lesandulela ngculazi njalo ngesonto kubantu abadala kunabo o—"sugar daddy" ababuye baziwe ngama-blesser.

"Ongoti sebesitshelile ukuthi abesifazane abasebancane, nabangamile kahle kwezomnotho, ababi nawo amandla okuzikhulumela kulolu hlobo lobudlelwane. Kuba nzima-ke ukuqinisekisa ukuthi ucansi olwenzwi nalabobaba abadala kuba oluphephile, nokugcina kuba nomthelela ongemuhle emva kwesikhathi. Phambilini, iCAPRISA iveze enye indlela abesimame abasengcupheni ngayo yokungenwa yi-HIV. Kuthwa ngesikhathi amantombazane

kanye nabafana benza u-Grade 7 basuke bobabile bengenalo bonke igciwane. Kodwa ngesikhathi beqedu u-Grade 12, u7 kuya 10% wamantombazane asuke esenalo igciwane lesandulela ngculazi, kodwa abafana basuke bengakabini nalo. Uma sebeyongena enyuvesi u10% wamantombazane afika esenegciwane lesandulela ngculazi. Ngesikhathi sebepothula iziqu zabo emva kweminyaka emine, u-25% wabafana namantombazane basuke sebenayo i-HIV, ngenxa yokuthi basuke sebethelelelene bodwa. "Ngifisa ukuthi sonke siwugxeke lomkhuba, siqwashise abantwana bethu ngobungozi bokudayisa ngemizimba yabo ngalolu hlobo kubantu abawomakadebona njengakuqala benemali." Kubalulekile ukuzazi:

"Sinxusa wonke umuntu ukuba ayohlolela i-HIV noma kanye ngonyaka, ukuze uma kutholakala ukuthi unalo akwazi ukucala umshanguzo masinyane. Akusizi ukuhlale ungazi, futhi ukungayi kohlolwa — nokukwenza ungasazi isimo sakho sempilo - akusho ukuthi awunalo igciwane le-HIV.

"Okunye okubaluleke kakhulu wukuthi siqinisekise ukuthi asibabandululu abantu abanegciwane le-HIV. Nakuba lingakatholakali ikhambi lokusapha, lesi sifo sesicishe sifane nezinye njengoba siyalawuleka, futhi baningi abantu abaphila naleli gciwane, asebekwazi ukuphila isikhathi eside. Ngifisa ukunxusa intsha ukuthi ihlale ibhekile, ithathe izinqumo ezifanele ngaso sonke isikhathi ngempilo yayo. Muntu omusha, impilo yakho isezaendleni zakho, futhi okwenza manje kungaholela kokuhle noma kokubi.

Ungavumeli 'ukujabula' kwesikhashana kone ikusasa lakho."



RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



IKWAZULU-NATAL IMI NGOMUMO UKWAMUKELA IZIVAKASHI

SIYABONGA MAPHUMULO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natal uSihle Zikalala uthi isifundazwe sesikulungele ukwamukela izivakashi ezivame ukutheleka kuso ngalesisikhathi sonyaka. Nengoba selidumela emasumpeni ngamaholide kaDisemba, kuvame ukuthi iKwaZulu-Natali, ikakhulukazi izindawo ezigudle ugu lolwandle, ihanjelwe izinkumbi zabantu.

UZikalala, owethule ngokusemthethweni izinhlelo zokuhehela izivakashi kulesisfundazwe eJabula Beach eSt Lucia enyakatho nesifundazwe uthi ukufika kwezivakashi kuhambisana nokusimama komnotho wendawo.

"Kulonyaka sibheke ukuthi kutheleke okungenani izivakashi ezicela ku 1.2 million kanti lokhu kuyongenisa izigidi emnothweni wesifundazwe kuhinde kudale namathuba emsebenzi."

UNgqongqoshe ubalule ukuthi njengoba lesisifundazwe sinamabhishi ayisishiyagalolunye angaphansi kohlelo IweBlue Flag, nokusho ukuthi aphephile futhi asesimweni esihle kakhulu senhlanze, kulindeleke ukuthi abantu abavela kwezinye izifundazwe kanye namazwe



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala usemi ngomumo ekwamukeleni izivakashi eziqhamuka kwezinye izindawo kulamaholodi

baphinde bafike ngobuningi babo.

"Kodwa ngale kwamabhishi siphinde sibe neminye imihlabahloso yezokuvakasha efana nezintaba zoKhahlamba, iziqwi eHluhluwe, indawo lapho okwaboshelwa khona uMengameli wethu wokuqala wentando yabantu eHowick kanye nezinye eziningi," kusho uZikalala. Waphinde futhi wexwayisa izivakashi ngokuthi zisebenzise kuphela izindawo zokuhlala ezibhaliswe

ngokusemthethweni nezinhlaka ezibhekele ezokuvakasha ukuze zithole impatho esezeni.

Khonamanjalo, uZikalala waphinde wakhumbuba labo abathole amabhonasi emsebenzini kanjalo nabahlukanisa izitokofela ukuthi imali basiyisebenzise ngendlela, bangayimoshi sengathi angeke sisafika isikhathi sokuvulwa kwezikole ngenyanga ezayo.

"Singabe sesijabula kuze kweqe ngalezinsuku nje ezimbala

zikaDisemba bese kuthi uma sekushaye uJanuwari yithi futhi laba selishaye ujenga siyoboleka imali yokubuyisela izingane ezikoleni." Waphinde wanxusa labo abazohlukanisa izitokofela, ikakhulukazi ezemali ukuthi baqaphele kakhulu njengoba nezigcwelegcwale zizobe zingazibekile phansi.

"Kuyadabukisa ukuthi njalo ngalesisikhathi siyaye sizwe ukuthi abantu bakithi sebebe yizisulu

zezinwelaboya ezibabamba imali yabo. Siyaninxusa sithi: ningakhiphi imali emabhange niyoyihlukanisela emakhaya, okungcono ningahambisa imininingwane ebhange kube yilo elinifakela yona kuma-akhawunti enu asebhange ukuze kugwemeke lomkhuba wokuthi sizwe kuthiwe abantu baqolwe izimali," kusho unggongqoshe.

UNgqongqoshe uThusi ukuza umkhuba wokuthula kwabantu abahlukunyezwayo

MINENHLE MNCWANGO

Ukuthula ungabiki ukuhlukumezeka kwakho kubuyisela uHulumeni wentando yeningi emuva.

Lamazwi ashiwo uNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngenkathi ehambele imiphakathi emibili, okungowase-Emacekane, ngaphansi komkhandlu waseMhlathuze esiFundeni sase-King Cetshwayo, kanye nobukade usePort Shepstone, emkhandlwini omusha, i-Ray Nkonyeni ebyiayiwa nge-Hibiscus! Ezinqoleni, ngaphansi kwesiFunda uGu .

UNgqongqoshe uThusi ubehambele lemiphakathi njengengxene yomkhankaso wokulwisanu nokuhlukunyezwa kwabesifazane kanye nabantwana, owaziwa nge-16 Days of Activism to No Violence Against Women and Children, okuwusuku olugujwa umhlaba worke, kusukela ngomhlaka 25 kuNovemba kuya kumhlka ka-10 kuDisemba.

Ukhale ngokuthi ukuhlukunyezwa kwabesifazane, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya futhi bengabiki ngenxa yokwesabela izimpilo zabo, kuyinto ejwayelekile.



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uthwetshulwe nezaguga kweminye yemicimbi yokuqwashisa ngokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane.

Uthe ngokujwayelekile lokhu kuhlukunyezwa kudalwa obaba bezingane abadlwengula izingane zabo noma ezisuke kungezalabo abathandana nabo.

Abanye abahlukumezayo intsha yesilisa edlwengula ogogo, okugcina kungabikwa ngenxa yokuthi bayondla emakhaya.

Unxuse abahlukunyezwayo kodwa bengabikile ukuba baxhumane namaphoyisa kanye nosonhlalakahle ukuze kuboshwe iziglamkhuba. Uthe:

"Kuwumsebenzi kaHulumeni ukwenza wonke umuntu ahlale

ngokukhululeka kuleli lizwe.

Ukuhlala uphenduke isisulu sokuhlukunyezwa ungabiki kufana nomuntu osibuyisela kuHulumeni wengcindelzo.

"Noma ngabe uhlukunyezwa oshade naye, musa ukuhlala ngoba usaba ukuthi awusezokondliwa, kodwa uHulumeni unamasu okuba ukwazi ukuziphilisa, ngakho-ke bika isiglamkhuba.

"Uma kuhona abazali abangondli izingane ekubenii besebenza lokho kungadalala ukuthi izingane zingazitholi

izibonelelo sikaHulumeni, kodwa zithathwe ziyoqcinwa endaweni kaHulumeni ephephile, ukuze zikhule ngendlela efanelekile ngoba ukungondli kukodwa kungukhulukumeza," kusho unggongqoshe uThusi.

Esfundazweni saKwaZulu-Natali kunemipheme exhaswe uHulumeni enakekela asebephenduke izisulu zokuhlukumezeka.

Kulemipheme abantu bayanakekelwa ngokwelulekwa ngokwengqondo, baphinde bafundiswe amakhono okuziphilisa khona bezokwazi ukuzimela.

Emkhandlwini wase-Ray Nkonyeni kunemipheme emibili yokukhoselisa abahlukumezekile exhaswe uMnyango, kanti zinoSonhlalakahle abasebenzela khona, omabhalane kanye nonogada abasizayo.

Kuzokhumbuleka ukuthi uNgqongqoshe uThusi usanda kusayinda isivumelwano sokusebenzisana nenkampani esebeenza ngendwangu, i-Edcon, ukusiza abahlukumezekile.

Lenkampani iyabathatha iyobaqeqeshela ukusebenzisa indwangu bese beyazimela. Bakhona asebengabasiki bengqephu abasezingeni

eliphezulu, nabasebenzela izimboni ezaahlukahlukene.

INkosi yesizwe sakwaSomopho, Inkosi Gabadela Mthembu, ikubeke ngokusobala ukuthi angeke behlale nabenzi bobubi endaweni yabo, futhi bazosebenzisana noHulumeni ekulwisaneni nalomkhuba.

UNgqongqoshe uThusi uphinde wabungaza ogogo abaneminyaka eyedlule ekhulwini ngokubapha izipho zikakhismu, waphinde waholulisa abafundi ngemifaniswano kanye nokudla abazokuthola izinyanga ezintathu bese abazali babo beyasizwa ngokucijwa ukuba bakwazi ukuzimela.

Bezhkhona nezinhlaka zikaHulumeni, okubalwa amaphoyisa, kanye nobuholi bemikhandlu yasekhaya, okubalwa kubo uKhansela Alice Mthembu, iphini leMeya e-King Cetshwayo, uKhansela Slondile Mkhize oyiphini leMeya eMhlathuze, uSomlomo waseMhlathuze, uKhansela Mfundu Mthenjane, kanye nelungu lesigungu esiphezulu emkhandlwini uGu, uKhansela Nomfundo Zwane.

"Singabe sesijabula kuze kweqe ngalezinsuku nje ezimbala zikaDisemba bese kuthi uma sekushaye uJanuwari yithi futhi laba selishaye ujenga siyoboleka imali yokubuyisela izingane ezikoleni."

AZIZUNQANYULWA IZIMALI EZIXHASA IZINHLANGANO EZINGENZI NZUZO - THUSI

HLENGIWE BLOSE

zinhlangano ezingenzi nzuzo ezithola imali eMnyangweni kumele zingenzi izinto ezingaphandle kwemigomo ebekelwe ukusebenza koMnyango. Lokhu kuvele ngenkathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ehlisa amaphaphu abaphethe lezi zinhlangano ezithola uxhaso lwemali eMnyangweni wakhe.

Ubekhuluma ese-Mayville ngenkathi kuhlangene isithangami esimele izinhlangano ezingenzi nzuzo (NPO Forum) yesiFundazweni, lapho engusihlalo kuso. OSihlalo bezinhlangano ezingenzi nzuzo bemiphakathi, nabeziFunda, okubalwa kuzo i Theku, i-KwaZulu-Natali emaphakathi, Ulundi kanye noMgungundlovu, bebeyingxenyaleomhlangano. UNgqongqoshe uThusi uthe: "Abaningu bazokhumbula ukuthi sasayinda sisivumelwano kulabo abalutholayo uxhaso. Asizukusiphula lesosivumelwano esasenza nani. "Ngiyazi sekuke kwavela amahlebezi amanangi, evezwa abezindaba ukuthi sizoyinqamula



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali J, uNkosikazi Weziwe Thusi, ethula inkulumo yakhe.

imali. Ngifuna ukuniqinisekisa ukuthi ngamampunge lawo.

"Umsebenzi eniwenzayo muhle futhi ubaluleke kakhulu njengoba nina nikwazi ukufinyelela lapho thina njengoMnyango esingeke safinyelela khona." INhloko yoMnyango, uNkosazana Nokuthula Khanyile, uthe:

"Inhlosongqangi yalomhlangano ukwenza umhlahlandlela kwizinto

eziqondene nobudlelwano uMnyango onabo kanye nezinhlangano ezingenzi nzuzo.

"Siphinde sinilekelele ngezindlela ezizokwenza umsebenzi eniwenzayo uqhubekele phambili, nikwazi ukukhula, niggine senifana nezinye izikhondlakhondla zeziinhlangano esezimnkatshubomvu nasezenzele idumela kulomsebenzi wokusiza

umphakathi. "Omunye wemisebenzi yalesi sithangami ukupinisekisa ukuthi umsebenzi okumele wenziwe emphakathini wenziwa ngendlela.

"Sizophinda sibheke udaba enalubika Iwendlela yokuthenga izinto, olubizwa phecelezi nge-requisition. "Okubaulekile kakhulu ukuthi sazi ukuthi umsebenzi esiwenzayo njengezinhlangano ezingenzi nzuzo ubaluleke kanjani kubantu emakhaya, futhi uma siwenza kumele siwenze ngendlela," kusho uNkosazana Khanyile. UMnumzane Dumisani Xaba, onguMqondisi Omkhulu eMnyangweni, obhekeli uPhiko IwezokuCwaninga neNtuthuko, uthe: "Inhlosos yokusungula uhlelo olusha ukuthi sikhazi ukucazelana leyo mali esuke ikhona njengezinhlangano ezahlukahlukene.

"Lapho ebekunezhilelo ebezengabhekelele sezikowazi ukubona sikulungise lokho. Okusho ukuthi isibalo sezinhlangano eziyothola uxhaso sizokwanda.

Ngesikhathi soshintsho angeke zinqamuke izinhlelo ezinikezwabantu." Uthe: "IsiFundazwe sase-

Gauteng yisona esihamba phambili ngokuba nenani lezinhlangano ezingenzi nzuzo (zungu 44 931) ezisebenza ngokusemthethweni, bese kulanlela i-KwaZulu- Natali ngo-26 739. Kodwa kuvela ukuthi angu 67,2% (17 965) kuphela asebenza ngokwemigomo ebekiwe." Ube esechaza ukuthi uphiko akulona eMnyangweni luzobhukula ukuze iuyilungise lenkinga ngokuthi bazihambele lezi zinhlangano, futhi abezukubashiya ngaphande labo abaqoqa intela, u-SARS, u-National Development Agency (NDA), kanye noNational Lottery Commission, uma uMnyango uza uzozicija lezi zinhlangano. "Kulolu hlelo olusha ezinye zezinto esizogxila kuzo ukunikezela ngamakhono okubalwa kuwo ukucija amakomidi ukuze abe nolwazi ngomthwalo obhekene nawo, ukubamba imihlangano kuphinde kuthathwe amaminithi, ukuqondisa amabhuku, izindlela zokuphepha nenhlanzeko ezikhungweni ezinamalunga omphakathi ahla ngaphakathi kuzo," kusho uMnumzane Xaba.

Abasebenzi besilisa eMnyangweni bazibophezele ekulwisaneni nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane

MINENHLE MNCWANGO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uhole imashi yokuqwashisa ngokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane ebisezitaladini zeTheku ehambisana nezisebenzi zaloMnyango zesilisa ezicela ku 1 000, abaholi bezamabandla ehlukene Kanyenabaholi bezopolitiki. Lezi zisebenzi zifunge zugomela ukuthi abasoze bakuthole ukuphumula uma kusekhona izigilamkhuba ezihlukumeza abantu besifazane. Ekhuluma nalamadoda, uNgqongqoshe uThusi uncome ukuzimisela kwalezi zisebenzi ekulwisaneni nalesi sihlava.

Uthe ziningi izigameko ezenzekayo ezwemi lapho kuhlukunyezwa abesifazane kanye nabantwana, okubalwa ukudlwengulwa, ukuthwalwa, ukubulawa kanye nokubanjwa inkizi kuhloniyiwe.

Unxuse lamadoda ukuba abe yisibonelo emphakathini sokukhombisa ukuba asebenzela uHulumeni ongahambisani nezigilamkhuba. Utthe: "Kumele amadoda asebenzela uHulumeni abe yisibonelo esihle emphakathini - awonde izingane zavo

angabikhona ondla ngomyalelo weNkantolo. "Nikhumbule ukuthi loMnyango wasungulelwu ukuba ubhekane nezimpilo zabantu. Uma nihlukumeza abantu besifazane, kwakheka isithombe esibi ngoHulumeni.

Asibenzi ngamanxusa okuthula emiphakathini esiyakhele."

UDokotela Sandile Tshabalala, osebenza eMnyangweni wezeMpilo, ukhuze umkhuba wabakhulelisa yizingane zesikoleni, wathi owenza lokho umuntu wesilisa ongenamsebenzi walutho.

Uwaxwayise ukuba azi ngempilo yawo, ahlole izifo ezifana nesikashukela, igciwane lesandulela ngculaza, i-BP nezinye eziningi, futhi kulandelwe imiyalelo yodokotela kwezokusetshenziswa kwemithi nokudla. Izinyane leMbumbi, uMntwana uNhlanganiso Zulu, yena uthe: "Lomkhuba omubi wokunukubeza izingane zabantu bese kuthiwa kuyisiko lakwaZulu eliwubusoka yinto engamapunge.

"Njengoba ningibona ngishadile futhi ngingane nonkosikazi wami oyedwa. Asingabalekeli ukondla izingane zethu ukuze zinciphe izigameko zokuhlukunyezwa kwabantu besifazane," kusho uMntwana. UNgqongqoshe uThusi

ube esehola imashi ezitaladini zeTheku kusihlwa kusukela eholeni lesithupha kusihlwa isuka e-Albert Park yaze yayophelela e-City Hall lapho izinkumbi zabantu zibe ingxene yomkhankaso.

Bebekhona nabezinyunyana nabo abaphumele obala ukuthi angeke bazihluphe uma kukhona amalunga awo abekwe amacala okuhlukumeza abesifazane kwezocansi emsebenzini.

Kukhanyiswe ikhandlela elikhombisa ukukhanya nokuthula, kwaphindwa kwasayindwa nesibophezelokuthula noxolo kanye nokukhululeka kwabesifazane.

Abanye abaholi ebebekhona uSihlalo wekomidi loMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esihayamthetho, uNkosazane Yatima Nahara, obemele iMeya yomkhandlu waseThekwini, uKhansela Zuma, kanye noNobhala weNhlangano yamadoda esifundazweni, uMnumzane Thulani Mthalane, kanye neNhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosazana Nokuthula Khanyile.,



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, esayinda isibophezelokuthula nesibophezelokuthula noxolo kanye noNobhala weNhlangano yamadoda esifundazweni, uMnumzane Thulani Mthalane, kanye neNhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosazana Nokuthula Khanyile.,



Ingxene yabantu ebebephume ngobuningi babo ukuzoxhasa imashi.

"Lomkhuba omubi wokunukubeza izingane zabantu bese kuthiwa kuyisiko lakwaZulu eliwubusoka yinto engamapunge."



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

UKUBAMBISANA KOWEZEMPILO NE-UKZN KUZOCIJA AMAKHONO ODOKOTELA

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt Sibongiseni Dhlomo usechaze uhlolo lokuqeleshwa kabusha kodokotela njengoluzohlomulisa umphakathi odinga izinsiza zezempiro iuphucule nezinga lezempiro. Lokhu kuvele emhlanganweni (indaba) obuseNyvesi i-UKZN obubhunga ngalolu hlelo olwaziwa nge "Decentralised Clinical Training Programme" (DCTP).

Lomhlangano ubuholwa uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt. Sibongiseni Dhlomo noyiNhloko yoMnyango uDkt. Sifiso Mtshali kanye nabaphathi abaphezulu boMnyango wezeMpilo.

Phakathi kwabanye abebewuhambele bekubalwa zitshudeni, odokotela abaqeqeshwayo, abaphathi bezibhedlela kanye nabanye abasemkhakheni wezeMpilo. Kulo mhlango, uMnyango wezeMpilo kanye neNyuvezi bazibophezele ukwenza lokhu okulandelayo:

- Ukwenyusa isibalo sabasebenzi bezempiro, okubalwa kubo nodokotela, kuzona zonke izikhungo zezempiro kulesi isifundazwe ukulwa nezifo ezikhona;
- Kuqinisekiswe ukutshalwa



koDokotela abaqeqeshwayo, kuphinde kuphulcwve ezempiro ngokuthi kuvikelwe izifo kunokuthi zilashwe;

- Kutshalwe oDokotela abafunde e-Cuba uma sebephethule izifundo ezindaweni ezifana nase-Ngwelezane, Port Shepstone, Madadeni kanye nase-Stanger;
- Kwandiswe isibalo soDokotela ezikhungweni zezempiro.

Selokhu lokhu kusebenzisana kwaqala ngo-December wango 2014, bangu 60 oDokotela asebeqeqeshiwe kanti abanye basazolandela. Sekubonakele ukuthi lena iyona ndlela yokuthuthukisa amakhono ngokuthi

abafundela ubudokotela batshalwe ezikhungweni zezempiro ezahlukene esifundazweni.

Lokhu kwehlukile naphambilini njengoba kuqala oDokotela bebethola ukuqeleshwa ezindaweni zasemadolobheni kuhela, ezindaweni ezifana nase Thekwini kanye nase-Msunduzi.

Loluhlelo Iwenza odokotela bakwazi ukubhekana nezinto ezahlukene empilweni nokuzobasiza uma sebebhekene neziguli ngomuso.

Kumanje loluhlelo lokuqeleshwa koDokotela seluqaleli kulezizindawo ezilandelayo:

- ENyakatho yeKwaZulu Natal

EMPANGENI/LOWER UMFOLOZI
Memorial Hospital

- ENtshonalanga ye-KwaZulu Natal – eNewcastle/Madadeni Hospital
- Kanye naseNingizimu ye-KwaZulu Natal – Portshepstone/G J Crooks Hospitals
- Kanye nemaphakathi nesifundazwe sa-KwaZulu Natal - esibhedlela sase-Stanger

Loluhlelo lokusatshalalisa koDokotela iuzoba nedumela elikhulu ngonyaka ozayo u-2017 njengoba kuzonyuka isibalo soDokotela abazobe bevela emikhakheni eyahlukene efana ne-MBCHB (Bachelor of Medicine, Bachelor of Surgery qualification), Nursing, Dental Surgery and Ophthalmology.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt. Sibongiseni Dhlomo uxoxisane nabafundi abenza izifundo zobuDokotela wabe eselushayela iholme loluhlelo.

"Luhle kakhulu lolu loluhlelo, futhi sifisa ukuthi lungasebenzeli isifundazwe saKwaZulu-Natal kuhela kodwa lusebenzele izwe lonke.

Lapho kunezigginamba khona asisebenzisane ukuzilungisa, sikubeke emqondweni ukuthi okunye sokulungisa ngendlela. Isifundazwe saKwaZulu-Natal

sinesibalo esiphezelu sabafundi abenza izifundo zobuDokotela, asiqinekise ukuthi ukusatshalalisa koDokotela ukuthi beyoqeleshwa ezindaweni ezahlukene ukuthi kuhlomulisa umphakathi," kuchaza uDkt Dhlomo.

Khona manjalo iNhloko yoMnyango uDkt. Sifiso Mtshali uphawule ngezinsolo ebesezisabalele zokuthi labo bafundi abenza unyaka wokugcina kwezobudokotela angeke bathole ithuba lokuqeleshwa sakusebenza (internship).

UDkt Mtshali yena ukubeke kwacaca ukuthi uMnyango uzimisele ukubahlinzeka ngomsebenzi abafundi inqobo nje uma bezovuma ukosebenzela nomi ikuphi lapho bezotshutshwa khona.

"Ngifisa ukunxusa abafundi abenza unyaka wokugcina ukuthi cha abehlise umoya.

Bonke bazokwazi ukuthola ukukuqeleshwa.

Esingeke sakuqinisekisa ukuthi umuntu aye lapho azozikhethela ukuya khona.

Ukuqeleshwa yingxene yokuthuthukisa ikhono lomuntu," kusho uDkt. Mtshali.

Kubongwe amava omhlengikazi owabona ugcobho kuhlengwa usana "Iwesimangaliso" lusesesiswini sikanina

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse bonke abahlengikazi ukuba bahlale beqaphile abazithwele bezoxukuza ukuze uma kunezinkinga zisheshe zisukunyelwe pezu.

UDkt Dhlomo ukusho lokhu ngesikhathi echoma umhlengikazi waseShaka Clinic uphaphe Iwegwalagwala emubonga ngokucophelela kwakhe okusindise impiro yomntwana obenesifo esingajwayelekile.

USR Primrose Stezhia Goge wase Shaka's Kraal Clinic wakwazi ukubona ukuthi inhlizyo yosana ayishayi ngendlela ngesikhathi umama walo uThandazile Nthetha exozukuza emtholampilo.

Umama wabe esedululiselwa esibhedlela sase-Stanger, lapho kwatholwa khona ukuthi kunoketshezi esikhwameni senhlizyo oluyenza ingashayi kahle.

Lesi simo sibizwa nge-pericardiocentesis.

Usana lube seludululiselwa esibhedlela iNkosi Albert Luthuli Central Hospital lapho uDkt. Ismail Bhorat oyiNhloko egunjini lokuhlinza abantwana wakwazi ukufaka ukwenza umsebenzi



U-Sister Primrose Goge kanye no-Thandazile Ntetha ephethe umtwana wakhe u-Simangaliso Ntetha kanye noNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt. Sibongiseni

obucayi ngempumelelo, efaka inayithi kumama yadlula yayothinta usana lungaphakathi esibeleshweni kwamuncwa lolu ketshezi. UMama wosana wayenamasonto angu 29

ekhulelwe ngesikhathi kwenzeka lokhu. Emva kwalokhu usana Iuzalwe iuphila saka, Iwaqanjwa ukuthi nguSimangaliso. UDkt Dhlomo ubeke kanje kulomcimb:

"Ukube umama wosana akezanga ukuzoxukuza, noma ukube akazange axilongwe ngesimanje manje kwakungeke kutholakale ukuthi usana Iwalunale nkinga."

"Ngifisa ukunxusa abafundi abenza unyaka wokugcina ukuthi cha abehlise umoya. Bonke bazokwazi ukuthola ukukuqeleshwa."

ISEXWAYISO KULANDELA UMONAKALO KWA-NONGOMA

VERNON MCHUNU

mikhankaso yokuxwayisa ngezimo zezulu elibi izoqhubeke ngomalandla othe xaxa esifundazweni saKwaZulu-Natali, kwazise nezulu lisalokhu liqhubekile ukushiya kukhalwa ngezindlela ezinhlobonhlobo.

Kungakapholi maseko kubikwe isaga sokuphephuka kwamakhaya amanangi ezindaweni ezingaphansi kukamasipala iNquthu, izulu elibi liphinde lashiya kukhalwa kwaNongoma lapho khona umphezulu unqonqise ikhaya kwalahleka izimpilo zabantwana ababili bomndeni owoedwa.

Emasontweni amabili edlule, bekukhalwe ngeNkanyamba eNquthu, nalapho umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, oholwa ngumhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ufile khona waduduza iminden elahlekelwe

ngokokumaya kanye nokuqaliswa kwezinhlelo zokuthi bakhelwe kabusha, phakathi kokuningi. Manje esimweni esingazukuthi lobubuhlungu nomonakalo bekungenele, ngeledlule kuphinde futhi kwehla umshophi emndenini wakwaGina esigodini Ezimbabaleni, nalapho umphezulu uhlasele umuzi ka Mnuz Mbekiseni Gina, wedlula nomphefumulo wendodakazi uSinethemba

obeneminyaka engu 19 kanye nomfowabo uThembelani obeneminyaka engu 12, bobabili abefefunda eMandlakazi High.

"Nakuba singeke sakwazi ukupholisa amanxeba okulahlekelwa ngabantwana kubaba wekhaya, kepha sizamile ukubaduduza ngegilosa ezobasiza njengoba izindlu zilimele nje, kanye nokubalekelela ukubeka abantwana endlini yokugcina, bese belekelelwu ukuze bakhelwe izindlu nguHulumeni," kusho uDube-Ncube. Umphakathi ubuye wafakelwa nezikhonkwane zethusi, ukusiza ukukhalima umbani.

"Yimizamo lena esiyaye siqhamuke nayo njalo nxashane abantu bakithi bethe bakhahlamezeka, kepha ikhwelo lethu elikhulu nezimvula ezinobungozi, ikakhulu njengoba kusehlobo nje kanti nabangoma bezulu baxwayisile ukuthi kwezinye izindawo kungahle kube nezimvula ezinobungozi kanye nomphezulu ohambisana nombani omubi," kusho unqongqoshe.

Nakhu okumele kuqashelwe:

- Akufanele siwele imifula noma sithathe uhambo olungenaso isidindo uma izulu lilibi.
- Abashayelayo nabo kufanele baqaphele emgwaqeni



bangashayeli ngesivinini njengoba umgwaqo usuke ushelelela.

- Asipheze ukuhamba phandle nasezindaweni eziyizinkalo uma izulu liduma.
- Abantu bakithi futhi mabapheze ukwakha ezindaweni ezingamathafa lapho amanzi engahambi khona
- Asigweme futhi ukwakha osebeni lomfula lapho umfula uma ugcwele khona ugcine usukhukhula nemizi.
- Asiqinisekise ukuthi uma izulu liduma, amafasitela siyawavula kushaye umoya endlini, futhi sigweme ukujuluka nokuhlala ngokusondelana.
- Amanzi nezingcingo ikakhulukazi ezingomakhalekhukhwini bakwethu sikwexwaye kakhulu. Lucime nje ucingo uma liqala liduma ngoba lunokuthi ludonse umbani uzihamela lena kude.
- Abantwana bethu, ikakhulukazi

abafana abajwayele ukudlala ibhola asibakhuze bakuyeke lokhu uma kuduma izulu.

• Ngokunjalo futhi kuyingozi enkulukhu ukuqhuba izinkomo uma izulu liduma.

• Asiqaphele ukuwela amabulohlo ambozwe amanzi, hleze singathi siyawela uthole ukuthi ibhulohlo sekudala lemukile.

Lenyukile igiya kolwengculazi kanye nokuvikelwa kwababuthaka

VERNON MCHUNU

Ukuqhubeke kokwanda kwezigameko zokuhulkunyeza kwalabo ababuthakathaka emiphakathini sekuholele ekuthenini uhulumeni wabantu KwaZulu-Natali wenyuse izinga lemekhankaso yokuqwashisa ngenhloso yokuthi kuncishiswe lezigameko nezigidlamkhuba zincishiswe emiphakathini.

Kulelisonto unqonqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ubambisane nemeya yeTheku, uKhansela Zandile Gumede, bethula umkhankaso wokuqwashisa ngokungahlukunyeza kwabantwana, abasimame, kanye nabobonke nje abantu ababuthakathaka, nokubalwa ogogo nomkhulu kanye nabaphila ngokukhubazeka.

Ngokucacisa kuka Dube-Ncube, lomkhankaso obubanjwe ngoLwesine ngosuku lokuqwashisa ngengculazi emhlabeni jikelele, iWorld Aids Day, usuwaqondaniswa

wahambisana nomkhankaso wengculazi ngenxa yokuthi isifo sengculazi naso sibonakale sihlukumeza ikakhulu abantu besimame nabantwana ikakhulukazi.

"Sezithanda ukubhidlanga izehlakalo lapho khona kubikwa ngokuhlkumezeka kwabantwana kanye nabesimame ngezindlela ezelukahlukene," kusho uDube-Ncube.

"Kokunye uthola ukuthi abantwana abanakekelwa, mhlawumbe bayahlukunyeza ngokocansi, njalo-njalo.

Kanti kokunye uthola ngisho abesimame abaganile behlushwa ngabayeni emindenini.

Siyathola futhi ukuthi kwezinye izindawo kusalokhu kubikwa ngabantu abacasha ngesiko lokuthwala bebe bethumba banukubeze amantombazanya.

Ngakho-ke sithi asiqwashise imiphakathi ngoba kwezinye izigameko kuvela nokuthi omakhelwane basuke bebona lemkhuba yenzeka, kepha bengabiki noma kokunye kube

khona ukudembesela ukuthatha izinyathelo."

Noma kungesona isizathu sokuthi lomkhankaso ubanjelwe eThekwini, kepha lomcimbni wenzeka nje kanti kusanda kuvela imibiko ngengane eneminyaka eyisithupha, okuphenya ukuthi uyise oyizalayo kungenzeka ukuthi ubeseyiphendule inkosikazi, eyihlupha futhi eyibulala ngendlala, elibala amambawu.

Lengane engasenaye unina, igcine ithathwe ngabomnyango wezokuthuthukiswa komphakathi oholwa ngungqongqoshe uWeziwe Thusi ngenhloso yokuba iyogcinwa endaweni ekhudumele futhi ephephile.

Kulomcimbni, umeya uGumede ube naye esegcizelwa ngokuthi umasipala weTheku unazo izinhlelo eziningi zokunakekela abantu ababuthakathaka ukuze bavikelele.

"Nokho sizolenyusa futhi igiya lokuqwashisa ngengculazi kanye nokuvikelwa kwabantu besifazane," kuthasisela uGumede.



UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

"Sezithanda ukubhidlanga izehlakalo lapho khona kubikwa ngokuhlkumeze ka kwabantwana kanye nabesimame ngezindlela ezelukahlukene."

"Yimizamo lena esiyaye siqhamuke nayo njalo nxashane abantu bakithi bethe bakhahlamezeka, kepha ikhwelo lethu elikhulu nezimvula ezinobungozi, ikakhulu njengoba kusehlobo nje kanti nabangoma bezulu baxwayisile ukuthi kwezinye izindawo kungahle kube nezimvula ezinobungozi kanye nomphezulu ohambisana nombani omubi," kusho unqongqoshe.

SEZIDUMELA EMASUMPENI IZINHLELO EZIBHEKELA ABAKHUBAZEKILE

THEMBEKA DLAMINI

UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo Nezokungcebeleka KwaZulu-Natali UNkk Bongiwe Sithole-Moloi ugcizelele ukubaluleka kokubhekela labo abakhubazekile kuzozonke izinhlelo ezenziwa ilemiNyango emibili ayiphathisiwe.

Lokhu yikho okumkhuthaze ukuthi ahangane nabakhubazekile kwingquthuthela ebanjwelwe eMgungundlovu ebibheka izindlela ezingcono zokusondeza izinhlelo ezifinyelela nakulabo abakhubazekile.

"Ngokosomqulu wenkululeko bonke abantu banamalungelo ngakho kulengqungquthela kuhloswe ukugqugquzelabantu abakhubazekile ukuthi nabo bayafana nabantu abangakhubazekile ngakho kumqoka ukuthi bangazenyazi ngokukhubazeka kwabo".

Eqhube uthenabano banamalungelo kanti kumele zilalelwenezikhalazo zabo ukuthi bangasizwa kanjani ukuthuthukisa izimpilo zabo bengathembeli ekuphileni ngesondlo sokukhubazeka. "Kumele abakhubazekile bavuke bazithathe, bafezekise



Ingququthela yabakhubazekile. Izithombe: ZZIPHO NKONZO



namaphupo abo". Ebala amalungelo abo ubalule lelo lokuthola umsebenzi, elokuthi bawkazi ukuthi bafunde kanti nokuthi uma kunezinhlelo zikhulumeni eziphumayo emiphakathini nabo banawo amalungelo okuthola ingxene yazo kungathathwa ngokuthi bakhubazekile ngoba akekho umuntu ozicelelayo ukuthi aphile ngesimo asuke eyiso".

Lengququthela beyandulelwainzhlelo zokuxhumana namadlandawonye alemiNyango ezenziwengesikhathi kutholwa izimvo zawoezisosiza kwimihlahlandlelleyayo.

UNggongqoshe uncome iqhaza elivelele elibanjwe abaningi abakhubazekile emikhakheni yobuciko, amasiko, ezemidlalo kanye nezokungcebeleka ngakho kumele babambisane nalemeniyango ukufezekisa umbono wayo. "Sikhulumile savumelana ukuthi kumele kubekhulu ezenza ukuthi wonke umuntu okhubazekile abhekelelwefuthi izilimi ezahlukene kumele zihumushwe (kulimi Lwezimpawu neBraille)"

Uqhube wathi loku kuzotshala umoya wokuphilisana ngawonye kanye nemiphakathi evikela abakhubazekile. Enye yemizamo



UNggongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi ethula inkulomo.

eseyenziwe yimiNyango kaNgqongqoshe yiyo Ieyo yemitapoyolwazi eyi-17 yalabo abangaboni, kwakhiwe izakhiwo ezenza kubelula ukufinyelela emahhovisi kahulumeni, kwezemidlalo izinkundla zezemidlalo kanye nezintozokudlala ezibhekelle bona, ukuqeleshwa kwabakhubazekile kwi-Disability Sport. Igxathu elehlukile eselithathwe uMnyango Wezobuciko Namasko ilelo lokuhlelwa kwe-festival yalabo abakhubazekile, "Ngiyafuna ukubona amathalente evela kubantu be-sector, banikwe inkundla bazenzele"

Zidlane imilala engomeni yesiFunda saseKing Cetshwayo

SITHEMBISO SHANGASE

Inhloko esabambilie mnyangweni Wezobuciko Namasko KwaZulu-Natali uMnuz Mpumelelo Mnguni usephonsele amaciko inselelo yokuthi azicijele okungaphezu kokucula nokugida ingoma.

UMnguni ubekhuluma egameni lika ngqongqoshe walomyanya uNkk Bongiwe Sithole-Moloi emncintisaneni wengoma eKing Cetshwayo District Municipality ogwini olusenyakatho yesifundazwe.

Lengoma ebinanjelwe ezinkundleni zemidlalo eRichards Bay ibibandakanya amaqembu asuka komasipala abahlulu abangaphansi kweKing Cetshwayo okuwoMhlathuze, uMlalazi, iMfolozi, uMthonjaneni neNkandla. Izinhlobo zengoma ebezingenile beku isishameni, indlamu, amahubo nesizingili.

Ngokuka Mnuz uMnguni kufanele amaciko athi ebhikla ingoma aphinde angene azibambele mathupha nasemkhakheni wokuhlela nokuqophu umculo.

Uphinde wakhuthaza namaciko omsebenzi wezandla ebekhangise ngobuciko bawo ngesikhthi kuqhubeleka ingoma. Ingoma idonse usuku lonke lathi liyozilahla kunina kwabe sekucacile ukuthi ubani

inkunzi njengoba iqembu elibahlule bonke kumunxa nomunxa belizizuzela isamba esiyi R10 000, kuthi abalale isibili bathole iziR5000 kanti abalale isithathu bagixabewze ngeziR3000.

Amaqembu ahlabanile kubekhulu aqhamuka kubona bonke omasipala kodwa awaseMlalazi nase Nkandla anqobe emikhakheni engaphezu kowodwa.

Phakathi kwabebekhangisile kubalwa ababazi bezibhodwane, abathungi nabashuki besikhumba, abenza ubuhlalu namasaki bengqephu abakhele bonke labomasipala baseKing Cetshwayo.

UMnuz uMnguni uphonsele inselelo izikhulu zomnyango ukuthi azihambe phambili ziwuthenge umsebenzi wamaciko ongangephekethe Iazo.

Uyivale ngokweluleka amaqembu omculo ukuthi aqaphele indlela yokuvunula nokusina eyiyo Phakathi kweziluleko kubekhulu yikho ukuthi umqhele awuthwalwa umuntu wesifazane, ibhesu alibhincwa umuntu wesifazane kanti nokusina ngendlela ehloniphekile.

"UMnguni ubekhuluma egameni lika ngqongqoshe walomyanya uNkk Bongiwe Sithole-Moloi emncintisaneni wengoma eKing Cetshwayo District Municipality ogwini olusenyakatho yesiFundazwe."



Ingoma yaseKing Cetshwayo District and Disability Summit. Izithombe: LUNGILE CHILI

"Ngokosomqulu wenkululeko bonke abantu banamalungelo ngakho kulengqungquthela kuhloswe ukugqugquzelabantu abakhubazekile ukuthi nabo bayafana nabantu abangakhubazekile"

UNggongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi



OWEZOLIMO UZIBOPHEZELE EKUSEBENZENI NEZINHLAKA ZONKE ZOMPHAKATHI

PHUMZANI NDLANGAMANDLA

Ukwelapha izifo kubantu akusho lutho uma zingalashwa emfuyweni ngoba ezinye zezifo zitholakala ekudleni esikudlayo. Sifisa ukuthi siqhamuke nezinhlelo zokuletha imitholampilo engomahamba-nendlwana emiphakathini ukuze sigweme siphinde selaphe izifo ezinhlobonhlobo emfuyweni, siphinde sisize imiphakathi ngezinhlelo ezahlukene zezlimo, lokhu sizokwazi ukukwenza ngokubambisana nezinye izinhlaka zomphakathi." Lawa ngamazwi kaNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uMnu. uThemba Mthembu emhlanganweni abewubambe eSayisi, eScottsburg nenlangano yoHulumeni beziNdawo yaseNingizimu Afrika, i-SALGA.

UMthembu ubehambele lomhlangano ngenhlosi yokwethula izinhlelo zomNyango ekulethweni kwezdingo-ngqangi kubantu nangenhoso yokuqinisa amaxhama obudlelwano phakathi komNyango noHulumeni beziNdawo. UMvelase uthe kufanele kubanjiswane nezinhlaka ezehlukene ebuholini bomphakathi ze kukhcululwe insila esasele kubantu ikakhulukazi abampisholo

abasabuka ezolimo nokufuya njengobugqila nento ebabuyiselwa emuva. Uqhube wathi kufanele kubanjiswane ekekuthazeni imiphakathi ukuba ibukele entuthwaneni, yona esebenza kusenesikhathi, bese ilime ukuze iphile ngoba yiyona ndlela yokuphila njengoba kwentuleka nemisebenzi, kanti futhi izitshalo nemifino yikona okutholakala kuzo imisoco edingwa yimizimba.

UNggongqoshe uMthembu uthe phakathi kwezinhlelo umNyango onazo, yilezo zokubuyiselwa ogandaganda emiphakathini unikezele nangezimbewu njengoba lethwese nje ihlobo, uthe okubalulekile kunakho konke ukuthi isivuno singakanani. Enza isibonelo uth "Akusisizi ukuthi eMkhanyakude noma eHarry Gwala sihambise izindimbane zezimbewu, zemali kanye nogandaganda, into engifuna ukuyizwa ukuthi singakanani isivuno ngoba akusizi ukuthi sifake imali kodwa imiphumela ingagculisi", kwenaba uMvelase ophinde wabalula nokuthi umNyango wakhe umatasi ngokucubungula uhlelo lokutshala utshani emiphakathini ngenhoso yokuvikela imfuyo esomisweni wathi lokhu kuyophumelela uma bebambise neNgonyama Trust,



UNggongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnu. Themba Mthembu nezikulu zikwa SALGA kwaZulu-Natal

oHulumeni beziNdawo kanye namaKhosi aseNdulkulu.

Unxuse nokuthi umNyango ulekelelwelw ekuxwayiseni imiphakathi ngokushiswa kwamadlelo. "Kuyashaqisa okwenzeka koJozini, Hluhluwe nakoMtubatuba lapho uthola umuntu ethi ufelwe zinkomo ezifinyelela ekulwini ngenxa yesomiso. Masibambisaneni bakwethu ekuqeqesheni imiphakathi ekulweni nokushiswa kwamadlelo", kwephetha uMthembu. Uveze nokuthi njengoba izindawo eziningi esiFundazweni zihlonzwe njengezisemakhaya, kubalulekile

ukubambisana komNyango noHulumeni beziNdawo zaseMakhaya ngoba lezindawo zisaziphilisa ngakho ukulima nokufuya. "Impumelelo noma ukwahluleka kwezihlelo

zalomNyango kulele ekubambisaneni noHulumeni beziNdawo, ngokunjalo nabo baphumelela noma behluleke ngenxa yobudlelwano abanabo nemiyang ngenxa yokuthi izinhlelo zikahulumeni zisebenza kahle uma izinhlaka zonke zikahulumeni zisebenza ngokubambisana."

UNggongqoshe ubuye wazwakalisa nokukhathazeka

kwakhe ngezimvume zokusebenzia amanzi emifula uma imiphakathi ifuna ukulima, wabalisa nangenzukazikeyi yokbuyiselwa komhloba.

"Kubayingqinamba ukuthi umfula ukhona endaweni kodwa umphakathi kuthiwe awunayo imvumo yokusebenzia amanzi omfula ukuze ilime, kodwa uthole ukuthi kunoNgxiwankulu abanikezwayo. Uma sifuna ukwenza uguquko kwezolimo, sisuke sizolwenza kuphi uma umhlabi singakawubuyiselwa kubantu", kusho uMthembu ngokukhathazeka.

INdumezulu owomnyango enqoba kowe Batho Pele

PHUMZANI NDLANGAMANDLA

Usephenduke iqhawekazi umphathi wehhovisi IoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya elise Ningizimu nesiFundazwe kwaMhlabuyalingana ochazwe njengomphathi oqotho nowenza ngendlela umsebenzi wakhe.

Lokhu kuvele embungazweni obusehhovisi IoMnyango lapho kubungazwe kwaphinde kwahlonishwa leli qhawekazi eliu Samukelisiwe Mathenjwa elisebenze ngokuzimisela, okubaluleke kakhulu ukuthi usebenza ngokucophelela elandela imigomo ye Batho Pele. Lomcimbi wokumhlonipha uveze okuningi ngobuholi bakhe asebenzisana nabo ababuchaze njengobuqotho nobunemigomo ecacile. Lokhu kufakazeleke ngokuthi ngisho kuZwelonek aqwaqwade emakhanda zonke iziFundazwe anqobele IesisiFundazwe izindondo ezimbili emincintiswaneni ye Best Batho Pele Leader. IBatho Pele inqubomgomu kahulumeni okumele wonke umsebenzi asebenze ngaphansi kwayo.

Lemigomo iqinisekisa ukuthi umphakathi uthola usizo olusezingeni eligculisayo. UNkk



UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uyaziqhenya ngokuphumelela kuka Nkosazane Samukelisiwe Mathenjwa eshaya zonke iziFundazwe emncintiswaneni we Batho Pele

Philisiwe Mngomezulu osebenza kulelihovisi njengomeluleki wezolimo uchaze uNkk Mathenjwa njengeqhawekazi elizinikelayo emsebenzini walo. "Usebenza ngokuhulu ukuzinikela emsebenzini wakhe abuye akhuthaze nathi ekwenzeni umsebenzi. Sifunda luhulu kuye njengoba naye aqala engumelulike wezolimo kanti namuhla usengumphathi", kusho

uMngomezulu obekhuluma egameni labasebenzi. Abasebenzi baphinde bamhlonipha ngendondo bencoma ukuzinikela kwakhe, impatho kanye nokubakhuthaza emsebenzini wabo. Lomcimbi uqalwe ngokuvakashela imizi ehlonzwe njengentulayo ngenhoso yokunikel ngokudla nezingubo zokugqoka njengoba bekuqalwa uMkhankaso wokunqanda ukuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane owaziwa nge-16 Days of Activism. Amaphoyisa esiteshi sendawo azinikele ekesizeni ngokwakha indlu yesaguga sakwaNgubane khona endaweni.

UmNyango ukhuthaze umndeni wakwa Ngubane ukuba uqale ingadi ebeleni ukuze ulwisanе nendlala uphinde uthole ukudla okunempilo. Lendumezulu ibididiyela imiNyango kaHulumeni wesiFundazwe nezinhlaka ezahlukene ebuholini bomphakathi okubalwa umNyango wezoLimo, ezeMilo, ezeNhlalakahle, iHovisi likaNdunkulu, umasipala wakwaMhlabuyalingana kanye nobuHoli boMdabu okubandakanya obakwaTembe nobakwaMabaso. USomlomo waseMhlabuyalingana uNdulkulu B.T. Tembe uth leomcimbi

usahambisana nomgubho weminyaka engama-60 abesibhuda bakuleli bamashela eziNdlini zoMbuso ePitolli bephikisana nomthetho wokuphathwa kwamapasi.

"Kufanele siphile impilo yomama bango-1956 siphinde siphokophelele phambili singabantu besifazane kodwa singaziphakamisi, sitakule abanye" kusho uNdulkulu ophinde wazibophezelwa ekuxhumaneni nezinhlaka ezifanele ukuze kusizakale ugogo uMaThusi Zikhali onenkinga kamazisi oneminyaka encishisiwe nokwenza kubenzima ukuthola isibonelelo sikahulumeni.

Ezikhulumela uNkk Mathenjwa ubonge kakhulu abasebenzi bomNyango ngokumeseka nokuzinikela kwabo besebenza ngokungaphumuli nangokubambisana kududulwa imikhankaso nokufundisa kanye nokwaluleka ngezolimo.

"Kuqala ngifisa ukubonga kakhulu uNkulunkulu obeambala nami kuloluhambo, ngibonga nabasebenzi ngoba umsebenzi ubungeke wenzeke bengekho. Kwezinye izinsuku khona lapha ehovisini, sike sisebenze kuze kucishe kuse phandle, silwa

nomsebenzi ngoba sikhathalele umphakathi", kwenaba uNkk Mathenjwa othe lendondo akusiyeyakhe kodwa ngeyesiFundazwe sonke kanye nabalimi banke.

Uqhube ngokubonga nabalimi bendawo ngokuzinikela kwabo emsebenzini abasebenzisana kuyona njengoba bona njengabeluleki beneqhaza elikhulu nelibonakalayo ekuqhubeni imisebenzi yezolimo emphakathi ngokuletha usizo Iwezokwaluleka ngamacebo nezindlela ezamukelekile zokutshala nokunakekelwa kwemfuyo.

UNkk Grace Mavundla ongumqondisi Jikelela wophiko IomNyango oluhlanganise imikhakha eyahlukene olubizwa nge Business Support uphone inselelo kubo bonke abasebenzi bakaHulumeni ukuba besebenze ngokuhulu ukuzimisela ukuze isiFundazwe siwole zonke izindondo ngokuzayo. "Kusafanele sisebenze ngokuzikhandla ukuze siqoqe izindondo eziningi ngokuzayo. Akusyo inselelo engiyiphonsela umama uMathenjwa kuphela noma umNyango esikuwo kodwa yonke imiNyango esiFundazweni" kusho uMavundla.

"Kuyashaqisa okwenzeka koJozini, Hluhluwe nakoMtubatuba lapho uthola umuntu ethi ufelwe zinkomo ezifinyelela ekulwini ngenxa yesomiso."



UNggongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

OWEZOLIMO UKUTHAZA ABAFUYI UKULUNGELA UKUBAMBA ITHUBA EMADELENI NASEZIMAKETHE ZENYAMA

MBUSO MFEKA

Umlando uyakhombisa ukuthi iningi labafuyi abamnyama isikhathi eside bebefuya ngoba kuyingxene yesikomphilo labo, kungekho nzuzo ebhekekile. Kubukeka lokhu kuzoshintsha ngenxa yeziinhlelo ezilethwa umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni, izinhlelo ezibandakanya nokufuya nokunakekelwa kwayo. Izinhlelo zomNyango sekuyabonakala ukuthi sezithathe elinye igiya njengoba uNgqongqoshe uMthembu ebamba izithangani nezinhlaka zemiphakathi ezahlukene ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zomNyango ziletha usizo oludingwa umphakathi.

Ekuhlelwini kwezelimo, imfuyo idlala elikhulu iqhaza kusikomphilo ikakhulukazi Iwabantu abansundu. Lokhu kuhambisana nomyalezo womNyango wokwenza ezolimo zibe isikomphilo lomphakathi.

Ukuhlupheka kwabafuyi ngenxa yokungalazi inani lempahla yabo kungenye yezinselelo umNyango osebenzila ekulwisaneni nayo.

Okunye okubukeka kubalulekile ukvala igebe elikhona phakathi kwabafuyi njengoba bonke benempahla kodwa kukhona abaswele kubekhona futhiu labo abadla izimbanie likapondo.

UNgqongqoshe uMandla Mthembu uke wabuchaza ububi begebe elikhona kwezelimo ngesikhathi kunomgubho wokuqala kwehlobo lapho umNyango wawugquqzela abalimi ukuthi sekuyiso isikhathi sokubuyela emasimini. Lapho enza khona isibonelo ngabasebenzi basemapulazini abakhqiza ukudla abanekekele nemfuyo kodwa bona

emva komsebenzi obaluleke kangako, abanakho ukudla okwanele ukondla iminden yabo.

Emva kwaleyonkulomo kaNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi, kwabuya ithembu kubalimi emva kokuthi ekubeke kwacaca ukuthi ukvala lelogebe embonini yezelimo kuwumsebenzi nenselelo enkulu ebhekene nomNyango, kepha ngokuhlaizya kabusha kweziinhlelo, kubukeka kulothu kuzokwenzeka. Ngonyaka ka 2015/2016, imali engango R20 million yabekwa eceleni ngobakuhlewe ngayo ukusetshenziswa iminyaka emithathu ukuze ibe ingxene ukusiza ohlelweni lokuvuselela amadiphu esiFundazweni.

Ngalokhu kubhekeke ukuba abafuyi basizakale ekunakekeleni impilo yempahla yabo ngisho sekukhona isimo. Kubonakalile umNyango ukhombisa ukuzibophezelu ekusizeri abafuyi ngesikhathi unika abafuyi amabhele, imijovo nemithi yezikilemu ukuze impahla yabo izovikeleka. Inhlos osekusetshenzelwa kuyo ukuthi abafuyi nabalimi babe nolwazi, bangagcini nje ngokufuya bangazuzi lutho. Kubukeka sesifile isikhathi sokuthi abafuyi ngokusiza izinhlelo zomNyango bakhuphukele ezingeni lokuhweba.

Lomyalezo kaNgqongqoshe wokuvala leligama ebese libaluliwe ukhombisa abafuyi ukuthi ngokusebenzisana nomNyango, abakhule, babambe iqhaza elibonakalayo ekuqizweni kweziinhlobo ezhilukene zenyama.

Esiyne sezibonelo nje umNyango osuke wasicwaninga waphinde waxhasa, ukuhweba ngezimbizi, ucwaningo Iwaveza ukuthi inkulu

ngokwanele imakethe yezimbuzi kuleli njengoba abampisholo bezisebenzisela ukwenza imicimbi ehlukene, ikakhulukazi eyamasiko, kanti futhi ikhona nemakethet yaloluhlobo Iwenyama nasemazweni angaphandle, okwenza lokhu ukuthi ucwaningo jikelele lukhombisa ukuthi lenyama inempilo kunezinhlobo eziningi.

Ukuze kungalimali impahla yabafuyi, ongoti nochwepheshe babaluleki kwezemfuyo basabalele isiFundazwe sonke bahlomisa abafuyi ngamaqhinga ikakhulukazi okuphathwa nokunakelwa kwemfuyo.

Ukuhlonyiswa kwabafuyi ngolwazi sekwenze kwabakhanyela abafuyi kubengokubaluleka kokunakekeleka kwemfuyo ukuze ikwazi ukwamukeleka ezimakethet.

UmNyango uhleze unxenxa abalimi nabafuyi ukuba bazihlele basebenzisane ukuze kubelula ukusizana kanye nokusebenzisana nohulumeni bendawonye.

UMvelase useke wabamba izithangami eziningani lapho kuxoxiswana khona ngokusebenzisana, lezizithangama zikhuluma ngakho konke okuthinta ezolimo, nabafuyi ngokunjalo.

Kubalulekile ukuba bangene kososheni njengoba umNyango usebenzisana kakhulu nabo ngenhlosa yokubalungiselela ukungena ebbizinisini. Izindawo ezinjesiFunda iHarry Gwala seziqalile ukwenza imisebenzi ebonakalayo njengoba nje IesisiFunda sithathwa njengesinda semikhqizo yobisi kulesisiFundazwe.

Njengamanje iXobho nezindawo ezingomakhelwane balo bakhiqiza ubisi olungamalitha ayisigidi ngosuku olulodwa.



OwezoLimo ukuthaza abafuyi ukuba banakekele imfuyo ukuze ikwazi ukushaya inani elihle eligulisayo ezimakethet



Eziyne zalezizingqinima ezilimaza abafuyi yisihlava sokuntshontshwa kwemfuyo. Ukulwisananalomkhuba umNyango uqinisekisa ukuhubeka kokusabalaliswa kohlelo lukufakwa kwezimpawu emfuyweni, loluphawu luginisekisa ukuvikeleka nokubonakala kwemfuyo uma ilahlekile.

Abeluleki bezemfuyo ngale kokusiza abafuyi ekutheni impilo yemfuyo yabo ihleze isesimweni, baphinde babafundise ngokubaluleka kwesimo semfuyo

ezimakethet njengoba kuiyo enomthelela omkhulu ema sekuyiwa entengweni yayo nasemadeleni. UmNyango ukuthaza abafuyi ukuba bawkwazi ukubona amathuba akhona emakethet ngoba uzimisele ukusebenzisana nabo ekubafukulen baze bafike ezingeni lapho bezimela khona ngaphandle kosizo lukahulumeni, kuqhutshwekwe umNyango usize abanye.

Ukubaluleka kokuba nesivande nokudla okwanele emakhaya

MBUSO MFEKA

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uzama ngayoyonke indlela ukuqinisekisa ubukhona bokudla emakhaya akulesisiFundazwe. Lona ngomunye wemisebenzi emikhulu ebhekene nalomNyango.

Ukwenza lokhu, umNyango usuqhamuke nezinhlelo ezahlukene ezizokwenza ezolimo zibengcono esiFundazweni.

Eminyakeni edlule umNyango ubugxile kakhulu ekunikezeleni usizo kumalunga omphakathi ekutheni asebenzisana ukutshala izingadi zomphakathi ngokuhlanganyela ukuze bakwazi ukondla iminden yabo.

Ngokubona ukubaluleka kokubakhona kokudla kusukela ezingeni lasemakhaya, umNyango uyabasiza nalabo abatshale izingadi emakhaya ngabodwana, usizo abalutholayo ilolo Iwezimbewu ezilingene ukutshala ingadi ezokondla umndeni ngamunye, kephinde kulethwe usizo Iwezokwaluleka.

Lapha iminden iyasizwa ngokunakekelwa kwesivande, ukuvundisa ngezindlela eziphephile kusetshenziswa imvunde efana

notshani, umquba wezinkukhu nokunye, ukutshala okufanele ngesikhathi esilungele leso naleso isitshalo. Ukubakhona kwezingadi emakhaya kuqinisekisa ukuhubeka kokubakhona kokudla okwanele emindenini.

Ukuzenzela lezizingadi kuqinisekisa ukuthi ukudla kungokuphephile njengoba kukhiwa noma kuvunwa khona egcekeni, kanti futhi akunamakhemikheli okukugcina kuhila. Okuncomekayo ngalokhu ukuthi akukho bungozi obungagcina sebedala izinto ezifana nezifo nokunye okungadalwa yingxube efakte ukuba ukudla kungonakali.

UmNyango ukuthaza ukuba wonke umndeni ube nokudla ekhaya ngaphambi kokuzimbandakanya ekudayiseni kwakho. Uma kuba nokudla okusalayo sekungaqla ukuthi kudayiswe, kepha okuhamba phambili ukuba kungabikhona mutu olala engadile kulesiFundazwe.

Emphakathini walesisiFundazwe lapho kukhona intsha kanye nabesifazane nomphakathi jikelele, okubalwa kuwo nalabo abahlezi



Izivande emakhaya ziqinisekisa ukubakhona kokudla okwanele emindenini

emakhaya neziqu zabo zemfundo, ukulwisananwendlela kubalulekile ukuba kuqale emakhaya. Ezinye izindawo ezakhele iKwaZulu Natali azinazo izindawo namafemu lapho kungatholakala khona imisebenzi ukuhubeka ukuthi wonke umuntu unawo amandla okuzondla yena nomndeni wakhe, kepha yonke imizi inayo indawo lapho ingakwazi ukutshala ukudla.

Isivande esilinganiselwa kusayizi wesicabha esijwayelekile sinakekelwe kahle singakwazi ukondla umndeni onamatlunga ayisithupha. Konke lokhu osekubaluleki ngenhla kuhombisa ukuzibophezelu komNyango ekusizeri imiphakathi ukuba ilwisane nokungabikhona emakhaya. Ngaphambi kokuthi umNyango ukhiphe izigidi wenza

imisebenzi emikhulu edidiye, uyakuhuthaza ukuthi akualwe emakhaya kudliwe, kuthi kuyosetshenzwa wonke umuntu abe enokudla esiswini.

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uyaqinisekisa ukuthi usizo Iwezokaluleka Iukhona futhi luqala emakhaya ukusiza iminden.

KUGCIZELELWE IQHAZA LENTSHA EMBIZWENI YEZOKUPHEPHA EMGWAQENI

MABUYI MKARRY

Abantu abasha sebegqugquzelwe ukuba babambe iqhaza kwezokuphepha emgwaqeni njengoba izibalo zikhomba ukuthi yibona ababa yizisulu noma abadala izingozi emgwaqeni. Intsha inikwe ithuba lokuthi iqhamuke nezisombululo ezizoshintsha ukuziphatha kwayo emgwaqeni ngesikhathi kunengqungquthela kaZwelonek yezinsuku ezimbili yezokuphepha emgwaqeni eThekwini ngeledlule. Kule ngqungquthela kubuye kwanikwa intsha ithuba lokuthi iqhamuke nendlela eya phambili mayelana nokuziphatha kwayo kubuye kusungulwe nezinhlaka zesifundazwe nakuzwelonek

ezizosimamisa ukuziphatha kwabantu emgwaqeni.

Le ngqungquthela ibihanjelwe uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonek uNks Dipuo Peters, uMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda, nezinye izinhlaka ezisebenza ngezokuthutha kuzwelonek nasesifundazweni.

Ethula inkulomo yakhe uKaunda uthembise ukuthi zonke izisombululo eziphume kule ngqungquthela bazozisebenza ukuguqula isimo sezingozi kulesi sifundazwe. "Sizozisebenza lezi zisombululo ezithathwe kule ngqungquthela ngoba ukuphepha emgwaqeni kumele kubekwe ezingeni eliphezulu kube inkinga yomphakathi wonkana hhayi inkinga kaHulumeni kuphela.

Njengoba siyimindeni eyahlukene kumele silishumayele leli vangeli emakhaya ethu sonke.

Uma sihanjelwa abantu emigwaqeni, kuba ingqinamba enkulu njengoba kukhubazeka umnotho wezwe.

Lesi sifundazwe saziwa ngokuthi 'i-zero tolerant Province' okuwukuthi alufakwa uma kuza kwezokuphepha emgwaqeni," kusho uKaunda. Uqhube wathi zizoqiniswa ezokuphepha nezomthetho emgwaqeni ikakhulukazi ezivakashini ezizobe zihambele kulesi sifundazwe njengoba kuza isikhathi samaholidi okuphela konyaka. Phakathi kwezinqumo ezithathwe kule ngqungquthela kubalwa izindlela okufanele kusetshenzwe ngazo



UMnu Mxolisi Kaunda wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ekhuluma engqungqutheleni yezokuphepha emgwaqeni. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zisebenza ngokufanele esifundazweni.

Izifundazwe kumele zisebenze ngokubambisana nomasipala bendawo ukuthuthukisa ukusebenza kwezinhlelo nokuqinisekisa ukuthi umyalezo wehlisewa kuzo zonke izigaba.

Okuzokwenziwa kumele kucaciswe ukuthi umsebenzi kufanele uphothulwe nini ukuze kuqinisekiswe ukulandelela kulowo msebenzi.

Kuzobhekwa ukusebenza kwamaphoyisa omgwaqo bese kuqhakanjiswa ezokuphepha ngokuthi zibekwe ezingeni elifana nelengculazi.

Ibe nesasasa ingqungquthela yabesifazane be-SANTACO

STHEMBILE LUTHULI

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ulishayele elikhulu ihlombe iqhaza elibanjwe abantu besifazane embonini yamatekisi esifundazweni nasezweni lonke. Lokhu uKaunda ukusho ngesikhathi ehambele ingqungquthela yezinsuku ezimbili yokubungaza abantu besifazane ngaphansi kweSouth African National Taxi Council (SANTACO) ebeThekwini ngeledlule.

Abesifazane bale nhlangano yamatekisi bebehume ngobuningi babo besuka ezifundazweni ezahlukene zakuleli bezobungaza umsebenzi omuhle abawenzile selokhu kuqale unyaka kuze kuge yimanje, futhi ikakhulukazi njengoba lo mkhakha waziwa ngokuthi unodlame nenkolelo yokuthi abesilisa kuphela abaphumelelayo emsebenzini wamatekisi. UKaunda ubuye wanxusa abesilisa bale mboni



UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda obeyingxene yengqungquthela yabesifazane be-Santaco yokuvala unyaka ebiseCoastlands Hotel eThekwini. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

ukuthi baqhubeku nomsebenzi omuhle wokunikeza abantu besifazane ithuba lokuphatha izikhundla eziphezulu njengoba sebekhombisile ukuthi banalo ikhono lokwenza umsebenzi.

"Kuyangijabulisa kakhulu ukubona imbokodo izibambele mathupha,

lokhu kuyasitshengisa njengezwe laseNingizimu Afrika ukuthi sisuka kude futhi kuningi kakhulu esesikuzuzile.

Ngiyabanxusa futhi nabesilisa kule mboni ukuthi baqhubeku babanikeze amathuba abantu besifazane okuba sezikhundleni

eziphezulu ngoba bayawenza umsebenzi oncomekayo," kusho uKaunda. Lapha kuvele ukuthi ukucindezeleka emishadweni nasemiphakathini abantu besifazane abaphila kuyo nokuncishwa amathuba kungezinye zezinhlobo zokuhlukumezeka ababhakana nakho. UNks Vuyiswa Caluza oyikhansela kuMasipala waseThekwini obemele uMeya waseThekwini uKhansela Zandile Gumede ulincone kakhulu igalelo labesifazane abasemonini yamatekisi njengoba kuwumkhakha owaziwa ngokuthi owabantu besilisa. "Sjabula kakhulu singabantu besifazane uma sibona abanye besifazane beyingxene enkulu yemboni yamatekisi ngoba wonke umuntu uyakubona manje ukuthi alikho ibhizinisi abantu besimame abangeke bawkazi ukungena kulona futhi baphumelele," kusho

uCaluza. USihlalo we-SANTACO KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi unxuse abantu besifazane ukuthi bawasebenzise amathuba okungena emabhizinisini njengoba uHulumeni kazwelonek ebhakelele kakhulu ukuxhasa bonke abesifazane abanentshisekelo emikhakheni yamabhizinisi.

Uthe: "Kuhle ukubona abantu besifazane bengena shi emkhakheni wamabhizinisi ngoba lokhu kuyabonisa ukuthi banezipho eziningi abaphiwe zona ngaphandle nje kokupheka emakhishini. Kodwa-ke futhi ngiyaininxusa ukuthi nilithathe nilisebenzise ithuba uHulumeni alivulile lokuthi ningene emabhizinisini ngoba ubhakelele ukuxhasa kakhulu abantu abesifazane abamnyama.

Ngiyanicela ke ningaliyi lelithuba ngoba liyokwenza ngcono izimpilo zenu neminden yenu."

Ithole ukwesekwa kowezokuphepha emgwaqeni iKwaZulu-Natal

NONHLANHLA NDWANDWE noMSIZI ZULU

Zonke izikhulumi ebezihambele inkonzo yokukhumbula izisulu zezingozi zomgwaqo zigcizelele ivangeli lokubaluleka kwezokuphepha emgwaqeni ukuze kuhlengeke izimpilo zabantu abangenacala. Lezi zikhulumi bezishiyelana inkundla ngesikhathi kunomciimi owenziva minyaka yonke emhlabeni owaziwa ngokuthi i-World Remembrance Day, obusezinkundleni zemidlalo KwaNdengezi entshonalanga yeTheku. Lo mcimbi obuthanyelwe yizakhamizi zakule ndawo, abaphthiswa bezokuThutha okubalwa owaseLimpopo uNks Mapula Mokaba-Phukwana, owaseNorth West uMnu Mpho Motlhabane nowaKwaZulu-Natal uMnu Mxolisi Kaunda kanye nabaholi bamabandla ezenkolo ahlukene. Lo mcimbi obuhambisana nomkhuleko wandulelw yimvimb-a-mgwaqo emgwaqeni u-M13 ePinetown lapho okwenzeka khona inhlekelele yengozi yeloli eyashayisa amatekisi



UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uxoxisana nabayisulu zezingozi zomgwaqo emcimbini wokubungaza usuku i-World Remembrance Day. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

amane eminyakeni emithathu eyedlule. Kube sekubekwa nezimbali njengesikhumbuzo salaba abasala kule ngozi.

UMapula-Phukwana udulilise amazi okweseka lo mkhuleko wanxusa bonke abasebenzini bomgaqo ukuthi baqikelele ukuthi bagcina futhi balandela yonke imithetho yomgwaqo ukuze

kuphephe abantu abasebenzisa umgwaqo. Uzibophezele ukuthi bazosebenzisana nesifundazwe saKwaZulu-Natal ukuqinisekisa ukuthi ziyangandeka izingozi zomgwaqo. UMothabane yena uthe kuwumsebenzi kaHulumeni ukuqinisekisa ukuthi izakhamizi ziyavikeleka ngokuthi kuge nemikhakso eyenziwayo ukuthi

abantu baqwashiseke ngezingozi.

"Ngokubambisana kumele sivikele ingqalasizinda yomgwaqo sibuye silwe nesihlava sezingozi ezhilasele kulona lonke izwe ngokuthi izaphulamthetho zithole izijeziso eziqinile eziyoba yisibonelo nkwabanye," kusho uMotlhabane.

UMongameli we-SANTACO uPhillip Taaibosch uxolisele bonke abemboni yamatekisi okungenzeka ukuthi bake bathinteka ezehlakalweni ezaholela ekufeni kwabantu ngezingozi zomgwaqo wathi beyimboni bapezu kwamalungiselelo okulungisa isimo. UMphathiswa uKaunda ethula inkulomo yakhe yosuku uthe usuku lokhukhunjulwa kwezisulu zezingozi zomgwaqo Iwamiswa inhlango yeZizwe i-United Nations ukuthi njalo ngoNovemba kube nenkonzo lapho kuzobuye kuxwayiswe abantu ngezingozi zomgwaqo. "Izingozi eziningi zeneka ngokujala kwempelasonto isikhathi ukusukela ngoLwesihlanu ntambama ukuya

UMAGAGULA UXWAYISA NGOKUSETSHENZISWA KWEMALI BUDLABHA

INhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal, uMnu. Simiso Magagula, iyale abasebenzi baHulumeni ukuba bazithibe lapho besebenzisa imali ngamaHolidi kaKhisimusi.

UMagagula ululeke abasebenzi baHulumeni ukuba bangabi yizisulu zokuthenga baze beqe emalini abanayo lapho begubha amaholidi okuphela konyaka.

"Azodlula amaHolidi kaKhisimusi kuqale unyaka omusha. Izingane kufanele zibuyele ezikoleni - kudingeka imali yokukhokha.

Kudingeka kuthengwe imifaniswano. Nani kufanele nibe nemali yokubuyela emsebenzini, njalo njalo," kusho uMagagula.

Ubekhuluma nabasebenzi baHulumeni embuthanweni obuhlelwie yiHhovisi likaNdunankulu, (Financial Education Summit) e-Chief Albert

Luthuli Hospital eThekwini.

Uqhube wanxusa abasebenzi ukuthi bayisebenzise ngobuhlakani imali yamaBhoni abayisebenzele kanzima kulo nyaka njengoba kubhekwe ezinsukwini zikaKhisimusi.

UMagagula uthi iningi labantu liyiphatha budlabha imali yalo ngamaholidi okuphela konyaka, kuthi mhla kufika uMasingana iki libe selilele eziko.

"NjengoHulumeni sifisa niphile ngokusebenzisa ibhajethi. Ibhajethi kumele ibe yingxene yomndeni. Kumele nazi ukuthi imali engenayo lapha ekhaya izokwazi ukumelana nezidingo zakulo muzi. Sebenzisa imali yakho ngobuhlakani.

Uma ungakwazi ukuhlehlisa izifiso zakho ongakwazi ukuzikhokhela, uzozithola usungene ntshi ezikweletini," kusho inhloko yomnyango.

Ube esecebisa abasebenzi ukuba bonge imali yabo emabhangue bagweme amabhanoyi (pyramid schemes).

"Abasebenzi abanangi baHulumeni abacwile ezikweletini sebephendukele ekuthatheni umhlalaphansi ukuze bathole izimali zabo zempesheni ngenxa yokubisha ezikweletini.

Akusiso isinqumo esingubuhlakani lesi. Yingakho sigcizelela umyalezo wokonga kwemali, ngoba uyeza uzamcolo," kusho uMagagula.

UMnu. Mzwandile Gumede weHhovisini likaNdunankulu uthi uHulumeni usazozhubeka nokuhlela le mihlangano (Financial Education Summit) ukuqinisekisa ukuthi abasebenzi baHulumeni bayalulekwa ngokwezezimali. Uphinde wanxusa abasebenzi ukuba bavakashele emahhovisi

abhekelele inhlakahle yabasebenzi eminyangweni kaHulumeni.

Ekhuluma kuwo lo mhlangano uNksz, Zonke Majola weNational Credit Regulator (NCR) uthi baningi abantu abacwile ezikweletini, okubalwa kubo nabasebenzi baHulumeni, ngenxa yokusebenzisa budedengu imali yabo nokungabi nalo ulwazi ngezinhlelo zokonga.

"Uma usucwile ezikweletini ungashayela ucingo Iwamahala leNCR uthole ukwelulekwa ngamalungela akho enu njengabathengi nangosizo oludingayo ukuze uphume ezikweletini.

Kumele niwazi amalungelo enu njengabathengi, ningazitholi senisezikweletini kungenasidindo. kusho uMajola.

Inombolo ithi: 086 0627 627.



INhloko yoMnyango wezokuGcinwa kweziMali, uMnu. Simiso Magagula, uxwayisa abasebenzi baHulumeni ukuthi bangabhubhudli imali yabo ngamaholidi okuphela konyaka.

Kungumqondo ophusile wokubusa okuhle ukuphinde kusetshenziswe izindlu ezingomahambanendlwana (Park Homes)

LIHLE BHENGU

Ngenyanga kaNhlangulana wezi-2016, uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, njengalokhu uyisikhondlakhondla esihamba phambili kwezokuthuthukiswa kwengqalasizinda, uye waba ngumabizwasabele ekufezelekiseni izidingo zeminyango yesifundazwe, okungamakhasimende awo asemthethweni kwezokuthuthukiswa kwengqalasizinda.

Ukufezelekisa lo msebenzi owujutshelwe ukuba uwenze, lo mnyango uhlronze ngempumelelo izindlu ezingomahambanendlwana eziyishumi ezingasasetshenziswa ukuze zilungiswe kabusha bese zisatshalalisa ngendlela efanele ezikoleni ezahlukahlukene nasezinhlanganweni ezingekho ngaphansi kukahulumeni lapha esifundazweni.

Uhlelo lokuqalisa lo mklamo luncike ezidingweni zamakhasimende futhi isikhathi esiningi kuhloswe ukuba lusebenze isikhathi esifushane.

Lezi zindlu ezingomahambanendlwana zakhwi ngendlela ezosiza izikole kanti futhi ezimweni ezithile zingasetshenziswa zibe ngamahhovisi. Ngaphedu kwaloku, zingasetshenziswa futhi zibe amagumbi okuhlala othisha (staff rooms), ikakhulukazi lapho kunokwentuleka kwamahhovisi. Ezinye zalezi zindlu ziyyasetshenziswa zibe ngamakhishi kulezo zikole



Indlu engumahambanendlwana eseyilungiswe kabusha eseMdlalanga Combined Primary School ogwini oluseNyakatho yesiFundazwe. **Isithombe: NATHI ZONDI**

ezinohlelo lokuphakelwa kwezingane ngendlela ehlanzekile nefanelekile.

Ukuhlonzwa kwalabo abazohlomula kulo mklamo kwensiwe ngokoHlelo i- Operation Sukuma Sakhe (OSS), emva kwalokho umnyango wabe sewuvakashela lezo zikole ezibhekene nengwadla yokwentuleka kwengqalasizinda esifundazweni sonkana.

Lokhu kwaholela ekutheni kube nezingxoxiswano nomphakathi nababambiqhaza kanye

noMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi Kuzwelone.

Okuhle nje ngokuba uhulumeni wesifundazwe asebenzise lezi zindlu ezingomahambanendlwana ukuthi kukhombisa umqondo ophusile wokuzama ukuqinisekisa ukusetshenziswa ngendlela efanele kwezakhiwo ngokuhambisana noMthetho Wokulawulwa Kwezimpahla Ezingenakususeka Zikhulumeni (i-GIAMA) ohlose ukugqugquzelka ukusetshenziswa kwezimpahla ezingenakususeka ngokuba zibe

yisixazululo sesikhashana.

Kufanele kubalulwe ukuthi lezi zindlu ezingomahambanendlwana zazisetshenziswa phambilini yizikole kanye nabanye abahlomuli ngezindlela ezahlukene ezazihambelana nezidingo zalowo ozitholile. Abahlomule kulo mklamo, kubandakanya phakathi kwabo, iNhlangano Engekho Ngaphansi Kukahulumeni yasendaweni yaKwaNyuswa lapho le ndlu engumahambanendlwana iyinkulisa; iYenzanathi Community Development Project

(okuyinhlangano engenzi nzuko); Imbizane Primary School ekuMasipala weSifunda uGu; i-Carl Malcomes High School ekuMasipala weSifunda i-Harry Gwala; iVulekani Special School eseMzimkhulu; iMdlelanga Combined Primary School neMshushu High School kanye neShayamoya Primary School eziseSifundeni esisogwini oluseNyakatho.

Lolu hlelo iuhlinzeka indawo efanelekile yamahhovisi okuzothuthukisa izinga lokwenziwa komsebenzi ohlangothini lothisha.

Lwenze ngcono nendawo yokufunda ezikoleni phambilini ebezifundisa kovulandi ngenxa yokwentuleka kwengqalasizinda.

Okuhle kakhulu okulethwe yilo mklamo ngukuthi lezi zindlu zivuselela isiko lokufunda ezinganeni zesikole kanye nelokufundisa kothisha, ngaleylo ndlela kuge kuphculwa futhi kubuyiswa isithunzi sabafundi nothisha.

Okumqoka ukuthi lezi zinsiza zizoqashwa ngeso lokhozi ukuze kulawulwe isikhathi sokuba sesimweni esifanele kwazo kulezo zindawo ezihlonziwe ngokubheka imigomo ephathelene nezemvelo.

Impela ukuphinde kusetshenziswe lezi zindlu ezingomahambanendlwana kungumqondo ophusile wokubusa okuhle kukahulumeni obusayo.

"Azodlula amaHolidi kaKhisimusi kuqale unyaka omusha. Izingane kufanele zibuyele ezikoleni - kudingeka imali yokukhokha."

UMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI UPHOKOPHELE PHAMBILI NOKUSIZA OSOKONTILEKA ABASAKHULA

MAPHUMULO, THANDO MAZIBUKO, LIHLE BHENGU NO LUNGA LINDA

Kunesamba semali engamakhulu amathathu namashumi amahlanu ezigidi zama-randi (R350 million) ebekelwe amathenda aqondene nosonkontileka abasakhula ngapansi kohlelo Iwe-Eyesizwe Contractor Development Programme (ECDP) loMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi kulesi siFundazwe. Loluhlelo Iwethulwe yiloMnyango ngonyaka ka-2013 ngenhoso yokusiza osonkontileka abasakhula ukuze basizakale ngokwamazinga akwa- Contractor Industry Development Board (CIDB) esigabeni sokuqala kuya kxesesithupha (CIDB grades 1 to 6). Lapha kubhekwa izinkontileka zabantu abaMnyama ikakhulukazi ezabesifazane, yintsha, abakhubazekile kanye nezamasosha asethathe umhlalaphansi (Military Veterans). Ngokwalolu hlelo, osonkontileka kulindeleke ukuba babhalise ngaphansi kwe-CIDB ukuze bathola ukwenyuselwa emazingeni

ahlukene ngokwemisebenzi asebeyenzile. Lemali engu R350 million iqondene namathenda emisebenzi yokulungiswa kwezakhiwo (maintenance, repairs and renovations), imisebenzi evela ngenxa yeziphepho (storm damage), ukubiywa kwezikole (school fencing programme), kanye nemisebenzi emaqondana nokuphakelwa kwamanzi kanye nezeindlu zangasese kulonyaka wezimali ka- 2016/17.

Kuze kube yimanje uMnyango usukhiphe amathenda imali enguR175 wezigidu kumathenda osonkontileka abangaphansi kwaloluhlelo.

Ukuqinisekisa ukusebenza kwealolu hlelo Iwe-Eyesizwe Contractor Development Programme, uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi usubhalise osonkontileka abangaphezu kwamamakhulu ayistupha (614) ukuze bahlomule kuma-tender akhishwa yilo

Mnyango. Osonkontileka kuloluhlelo, abagcini nje ngokunika amathenda kepha bayafundiswa nangezindlela ezahlukene zokuphathwa kwamabhizinisi nangendlela eyamukelekile abangafaka ngayo izicelo zamathenda (procurement procedures).

Sikhulumu nje, bangamakhulu amabili nanhlanu (225) osonkontileka asebethole ukuqeleshwa ekuphathweni kwezimali, ukusingathwa kwama-project, ezokuphepha emasayithini, ezamathenda, ngezinhlelo zokusebenza kuka-CIDB, uSEDA, uMqoqi wentela (SARS) kanye nezidingo zoMnyango wezamaSebenzi (Department of Labour) Ngonyaka odlule wezimali ka-2015/16 uMnyango weziMsebenzi yoMphakathi ukhiphe amathenda esamba sika-R 128 million abahekene ngqo nalabosonkontileka abangaphansi kohlelo Iwe-ECDP.



Isikhulu sakwa-Operations uMnumzane Thulani Mdadane echazela osonkontileka ngezinto eziphathelene nohlelo Iwe-ECDP eThekwini Region

Umqondisi obhekele uhlelo Iwe-ECDP uNkk. Yandisa Mzotsho (kwesokunxele) kanti (kwesokudla) osonkontileka baseMidlands Region bethamele enye yama-Workshop e-ECDP

OWEZEMFUNDU UZOKWENZA IZINGUQUKO EZINQALA

SIHLE MLOTSHWA

U Mnyango weZemfundo KwaZulu-Natal ubambe Strategic Plan sezinsuku ezintathu e Protea Hotel (Marine Parade) eThekiwi. Le Strategic Plan sibantu kusukela ngolwesihlanu zingu 25 ku November kuya ngesonto zingu 27 ku November.

Inhoso ngqangi yalomhlangano obubandakanya izinhlaka ezahlukene, bekuwukuthola amasu okuguqula uMnyango ukuze wenze kahle ngokubheka izinhlelo ezingasiza abafundi ukuthi baphumelele ngezinhlelo zoMnyango. Umongo walomhlangano ubuthi "Gearing up for change – towards improving learner attainment, effectiveness and efficiency in education."

Kubantu akade bebambe indima futhi behambele lomhlanhano, kubalwa uMphathiswa weZemfundo, uMthandeni Dlungwana, iNhloko yoMnyango, uDkt Enoch Nzama, u Director General, weMfundu eyisisekelo, uMathanzima Mweli, ama Deputy Director Generals oMnyango, izikhulu zoMnyango ezinhlakeni ezinhlukene, izifundiswa eziphuma emikhakheni eksukhene, kanye nalabo abamele izinyunyana zothisha. Ethula inkulomo yakhe enohlonze, Umphathiswa u Dlungwana uthe, "Ngiyajabula ukuthi lomhlangano ubandakanya izifundiswa eziphuma emikhakheni ehlukene, izikhulu zakwa DBE, kanye nabaphuma ehhovisi lika Statistician General, lokhu kuhombisa ngokusobala



UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane



ukuzinikela kwethu ekulekeleleni abantwana bethu ukuthi baphumelelele.

Esikhathini esiningi ama strategic planning afana nalawa aba nje izithangami lapho abantu bephikisana ngamaphetha athize, bekhulume izinto ezingenanzuso, okwenza imihlangano efana nale ingabi nemiphumela ehlosiwe.

Ngalomhlangano sinikwe ithuba ukuthi siqinise ukusebenza koMnyango wethu, ngakho akufanele nangephutha ukuthi singaqhamuki nezimpendulo ezizosiyisa phambili, kungenjalo umlando uyosihlulela kabi. Akufanele sibuye sibe nomhlangano ofana nalo maduze, ngakho kumele sikhulume ngakho konke futhi singahlonizi," kubeka uNgqongqoshe. Emva kwenkulomo kaNgqongqoshe enohlonze, izifundiswa eziphuma emikhakheni ehlukene zenza izethulo zazo, ezalekelela kakhulu ekuyiseni uMnyango phambili.

Kwabe sekulandela ama commissions athatha izinsuku ezimbili lapho bonke ababehambele lomhlangano babeka ilaka labo.

Ngosuku lokugcina, ngesonto, kwabe sekubekwa izethulo (resolutions) ezenza kwacaca ukuthi uMnyango ngeke usaphinde ufane nakuqala. Kwenziwa izethulo eziningi ezaziqhamuka kuma commission ayisithupha, lapho kwakudigidwa khona izinto eziningi ezithinta uMnyango. Kwezinye zezethulo kwavunyelwana ngokuthi:

- U Grade R ungazimeli wodwa kodwa ungene ngaphanzi kohlakolwaziwa General Education and Training band (GET)
- Kuqokwe amakomidi amale izinhlaka ezhiliukene, azobheka ukuthi ithuthukiswa kanjano imiphumela.
- Kwakkhiwe ubudlelwano nezinkampani ezhinkulu zobuxhakaxhaka ukuze kuguqulwe izimo se ICT ezikoleni.
- Kuqhanyukwe nezinhlelo zokuthi kube nemiphumela kulabo abangawenzi umsebenzi.
- Kubhekwe kanzulu ezokuphepha ezikoleni.
- Kubhekwe kanzulu indaba yokuthuthukisa abantu abasha (youth development)
- Kubhekwe kahle indlela izimali ezisebenza ngayo eMnyangweni
- Kusungulwe uphiko Iwe Project Management
- Kuqokwe I Agency ezobheka uhlelo lokuphakela abafundi.
- Kubhekwe uhlelo lokuqashwa nokucinwa kwabasebenzi.
- Kulekelelele ififunda ezindabeni ezithinta ezokuqashwa kanye nezimali, kanye
- Nokuqinisekisa ukuthi uhlelo lokuthutha abafundi lubuyiselwa eMnyangweni

Emva kwezinsuku ezintathu zomsebenzi, uNgqongqoshe wabe esebonga bonke ebebehambele lomhlangano ngokuzinikela nokuzikhanda kwabo.

"Akufanele sibuye sibe nomhlangano ofana nalo maduze, ngakho kumele sikhulume ngakho konke futhi singahlonizi".



Ungqongqoshe uBongi Sithole-Moloi uklomelisa uMzamo "Plaza" Mtshali nehashi uSgwebo-sentambo ngokungqoba umjaho iHarry Gwala Summer Cup.

USGWEBO-SENTAMBHO UKUPHINDILE LOKHO KOWAMA HHASHI EHARRY GWALA

Hhashi, uSgwebo Sentambo, liqhubele nokuudla umhlanganiso kumdlalo wamahashi asemaphandleni emuva kokunqoba kwiHarry Gwala Summer Cup ka 2016 ebi ngoMngqibelo zingu-19 kaNovemba.

Umjaho wamahashi iHarry Gwala Summer Cup ibanjwa kanye ngonyaka kwindawo iKilimon ephakathi kweBulwer neUnderberg eningizimu yaKwaZulu-Natali.

Lomjaho wokutelebhela kwamahashi uhlelwa uMnyango iwezemidlalo nokuNgcebeleka KwaZulu-Natali ngokubambisana

nomasipala iHarry Gwala District, uMasipala osanda kusungulwa iDr Nkosazana Dlamini-Zuma kanye nenlangano yabamahashi iKZN Rural Horse Riding Association.

USgwebosentambo, wasesiFundeni Uthukela, unqobe kalula nje kulomjaho njengoba ezihole phambili kusukela uqala.

Lelihhashi lijwayele ukunqoba imjaho okuyiyona ebalulekile njengoba lisanda kudla umhlanganiso kwiDundee July yalonyaka. Umgibeli walelihashi uMzamo "Plaza" Mtshali uphawule wathi nomu ewunqobile lomjaho kodwa

ubengazizwa kahle ngenxa kokusebenzisa isihlalo sehhashi okuyinto angayijwayele.

Uphoqke ukusebenzisa isihlalo ngemuva kokuba odokotela bezilwane bethole isilonda esincane ehhashini lakhe. UNgqongqoshe wezobuCiko, amaSiko, ezemiDlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi ushayele ihlombe ubagqquqzeli balomcimbi ngokwenyusa izinga minyaka yonke soloku wasungulwa.

Uggamise indima edlalwa yilomcimbhi ekuthuthukiseni umnotho wasekulendawo.

Uthe UMnyango wakhe uzimisele ukuquhubeka nokuxhasa lomjaho ukuze ukhule futhi udlale indima ethe xaxa emnethweni wesiFunda iHarry Gwala. "Ngiyagqquqzela ukuba bonke abantu bakwaZulu-Natal ukuba banakekele izimpilo zabo bazibandakanye nezemidlalo noma behlala ezindaweni zasemaphandleni. Ingakho UMnyango usube yingxene yeHarry Gwala Summer Cup yonke lemnyaka. Lokhu kuyingxene yokuthuthukisa imidlalo yomdabu edlalwa ezindaweni zasemaphandleni" kuphawula UNgqongqoshe

uSithole-Moloi. Omunye umgibeli wamahashi uVusi Madikiza ohlala eKostad, owine omunye wemijaho eyisithupha yosuku uzwakalise ukukujabulela ukuba yingxene yeHarry Gwala Summer Cup okukuqala ngqa.

"Ngijabule kakhulu ukuba yingxene yalomcimbi nokuba ngihlangane nabanye abagibeli bamahashi. Ngifunde izinto eziningi ezintsha ngokunakekelwa kwehhashi. Ngizophindela emuva ekhaya nalolwazvi ngifundise nabanye abagibeli bamahashi ikakhulukazi laba abasebancane, kuphawula uMadikiza."

NGISEBENZA NGOBUQOTHO NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE

0800 596 596

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**